# *NgiZwile Kepha Manje NgiyaBona*

Ningahlala phansi. Kuhle ukubuya futhi kulobubusuku. Kuyabongeka ukuthi sinalelithuba futhi manje ukuba sikhonze iNkosi. Futhi emva kokunihlalisa isikhathi eside kangako izolo ebusuku, ngizwa ukuthi ngeke kwaba kuhle ukunihlalisa isikhathi eside futhi kulobubusuku.

2 Emuva nje lapho ngilalele umfowethu esibambisene ongowakithi, eNkosini, osanda kuvela eIndiana, ushukunyezwe yiphupho. Akakaze abe seShreveport ngaphambili, empilweni yakhe. Kodwa waphupha, ngobunye ubusuku, ukuthi uza eShreveport, hhayi ngemoto yakhe. Futhi ufika ne . . . noma afike ndawondawo, ebandleni lapho engangikhuluma khona. Wathi, emva kokuba sengishumayelile futhi ngakhulekela abantu abagulayo, ngathi, "Kukhona okuzokwenzeka.'" Wathi, wa "buya ngosuku olulandelayo." Wayesethi, wa "wayesazi isakhiwo, ukuthi sasibukeka kanjani." Wathi, "Kukhona i—kwakukhona ihholo ledolobha ngaphesheya komgwaqo, kodwa abazange bahambe bayongena ehholo." Wathi, "Kwakungapha, esakhiweni endlini yamatshe eyayinephiko kuyo, nendlu nje ibekwe kanje." Futhi u—umfana ungumphuphi, ngiwabonile amaphupho akhe futhi ngiyazi ukuthi aqinisile.

3 Futhi wathi—wayesethi, "Kwase kuthi ngobusuku bokugcina" ukuthi nga "ngikhuluma futhi ngikhulekela abagulayo." Ngase ngithi, "'Kukhona okuzokwenzeka.' Futhi kwezwakala njengokuduma kwezulu." Futhi wathi, "Abantu baqala ukudazuluka." Wayesethi, "Lapho izulu liqala ukusa, awu," wathi "Kwenza iphimbo, futhi kuqala ukukhuluma." Uthi, "Lokho kukhuluma kwakuqhubeka, ngalamafastela anezibuko eziphanjaniswe nezinsimbi (amafastela phezulu lapha) kufika iNkazimulo kaNkulunkulu, ingena, esimweni seNsika yoMlilo." Akakaze aYibone. Usizwile sikhuluma ngaYo, kodwa akakaze aYibone. Futhi wathi, "Yayilapho, ingena ngefastela phezulu kanjalo, futhi yabumba lokho kuKhanya njengoba nibona isithombe, khona impela ngaphambi kwezethameli lapha." Wayesethi, "Bekundindizela into ethize." Wayesethi, nga "ma, ngase ngithi, 'Lowo nguJehova uNkulunkulu.'"

4 Wayesethi wa "khunjuzwa nga (ngenkathi kucatshangwa ngaYo) ngenkathi uMose ebiza i . . . wakhipha abantu eGibhithe. Base bethi, 'Akukhulume uMose, futhi kungabi nguNkulunkulu, funa sife.'"

5 Wathi, "Wonke umuntu wayelele kwiphansi lendlu, izandla zabo ziphakeme, bedazuluka." Wathi wa "yedazuluka, naye, 'Nkosi Nkulunkulu, ngiyaKuthanda! ngiyaKuthanda!'" Nomkakhe wamnyakazisa futhi wamvusa.

6 Ngimbona ehla ngesikhala sezihlalo khona manje, uMfowethu Jackson, owayengumshumayeli wamaMethodisti kuqala. Futhi wayephazamiseke kakhulu, waze wehla; futhi wathi ngenkathi engena, wa "yeshaqeke kakhulu," ngayo impela indlela ayekubone ngayo ephusheni. Angazi ukuthi kuchaza ukuthini. INkosi ingifihlele khona. Kodwa kukhona obekungenzeka, ngibona ukuthi uMfowethu Jackson wakuphupha lokho, ngimazi njengeqotho, ngempela—indoda ngempela, inceku kaNkulunkulu.

7 Futhi ngi—ngiyazi ngaye ephupha amaphupho, eza kimi, neNkosi inginika incazo, iyofana nje ngokuphelele kanjalo. Ngisho nase, ngesinye isikhathi, ukuya kwami eArizona, wayenephupho lakho.

8 Futhi uphazamiseke kakhulu. Ukanye nomkakhe, umlethile. Uzoba ngumama khona manje, nokuyiyona-ndlela kuphela ayengahamba ngayo kwakungendiza. Wayengenapeni wokuza, futhi omunye umnika imali. Futhi ngakho kuthe nje kwasebenza ngokuyimfihlakalo, ngakho ikhona into ebingenzeka, sethemba kanjalo. Asazi nje ukuthi iNkosi izosihlinzeka ngani.

9 Manje, siyabonga eNkosini ukuphila osukwini esiphila kulo, ngaphambi nje kokufika kukaJesu. Njengoba ngishilo ngaphambili, yisikhathi esikhulu kunazo zonke kuwo wonke umlando. Ngingaqoka ukuphila khona manje kunanoma yisiphi esinye isikhathi, uku . . . emhlabeni.

10 Ngiyabona lapha phambi kwethu, futhi kulobubusuku, ngumngane wami olungileyo, uMfowethu Dauch. Ngike ngamphatha ehholo kulokhu ukusa. UMfowethu Dauch uneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye-nantathu ubudala namhlanje, kubusiseke kanjani. Unikela impilo yakhe ende enkazimulweni nasodumweni lukaNkulunkulu, unamashumi ayisishiyagalolunye-nantathu namhlanje. "Usuku oluhle lokuZalwa" kuwe, mfowethu! Futhi ngiyazi phandle, phansi, ezweni jikelele lapho belalele khona kulobubusuku, bafisela noMfowethu Bill Dauch "Usuku oluhle lokuZalwa." Ungumngane wamathe nolimu impela kaOral Roberts, abaningi, usize abaningi endleleni yeVangeli, nakho konke. Ungumngane wethu omkhulu.

11 Ngiyajabula ukubona uMfowethu Mann lapha, omunye umshumayeli wamaMethodisti, wasindiswa futhi wabhaphathizwa ngoMoya oNgcwele, naseGameni likaJesu Kristu, ohlezi lapha. Ungo, futhi, omunye walabo esimbambisene nabo baseIndiana. Futhi ngiyaqonda nguMfowethu Hickerson's ohlezi lapha eduze kwakhe, omunye

wabadikoni baseJeffersonville, eIndiana (balalele enhla lapho kulobubusuku). Futhi ngiyaqonda ukuthi uMfowethu Wheeler, omunye wabadikoni balapha ndawondawo. Futhi a—angikamabeli nje okwamanje, omunye bamkhomba ngeminwe ngale futhi ngizombamba emva kwesikhashanyana; uhlezi ngale, ngale le ngakwesokudla, yebo.

Mfowethu Banks Woods, uma ulalele kulobubusuku, umfowenu ube lapha izolo ebusuku. Ngimbonile lapho ngiphuma, uMfowethu Lyle. UFakazi kaJehova; lonke iqembu laphenduka. ULyle wangeniswa ngenxa yombono weNkosi.

12 ULyle wayehlezi esikebheni lapho ngalolosuku, ngenkathi ngosuku ngaphambili watshelwa ukuthi "kukhona" okwa "kuzokwenzeka mayelana nokuvuka kokuphila." WayenguFakazi kaJehova wangempela, naye! Kodwa ngalokho kusa, ehlezi lapho, edoba, futhi wabamba . . . Awu, wayenelibanzi, elikhulu elidala (leyofeshini yaseKentucky, niyazi) . . . ihhuku elikhulu nencane, inhlanzi encanyana yaligwinya. Futhi wavele nje wadonsa izimbobo zokuphefumula, izibilini nakho konke kwaba ngaphandle, wayiphosela laphaya emanzini (encane, inhlanzi yelanga encanyana), wayesethi, "Awu, mfo omncane, udubule isivimbo sakho sokugcina." Omncane . . . ujanquza ngasemanzini, wafa, umoya ovunguzayo wawuphephetha wenyukela eminduzeni yasechibini.

13 Futhi ngayizolo, ngihlezi, ngathi, "UMoya oNgcwele ungitshela ukuthi 'kuzobakhona ukuvuka kwesidalwa esithize esincane.' Mhlawumbe kuzobakhona u—umthinyane, uma sengibuyela ekhaya, ngoba nje . . . "

14 Ngenkathi sizama ukumba isicupho senhlanzi, uMfowethu Woods nami, olalele kulobubusuku, intombazanyana yami eyintombi ehlezi lapha, ethembisene nalelisosha eliwuswahla (ngiyalibona), iyenyuka, yathi, "Baba . . . " Yona nenye intombazanyana, athi, "Si . . . " Manje, noma ubani angaba nanoma yiluphi uhlobo lwesilwane esifuywayo abasifunayo, kodwa ngempela angilithandi ikati, ngakho i . . . noma akukho-Branham. Ngakho si . . . yathi, "O, sithole ikati elidala elihluphekayo phandle lapha, Baba. Li—li—lidla into ethize futhi i . . . ukhona olidlise uphoyizeni, livuvukele yonke indawo." Yathi, "Baba, lizofa khona manje, singalithola ibhokisi elincane bese siligcina izinsuku ezithi azibe zimbili?"

15 Ngathi, "Ake ngilibone ikati." Awu, ahamba alilanda ikati. Ngabona ukuthi kwakuzokwenzenjani, ngakho nginika ibhokisi. Futhi ngakusasa ekuseni, kwakukhona cishe imthinyane cishe eyisikhombisa noma eyisishiyagalombili lapho, niyazi. Ngakho umfanyana wami, uJoe, wacosha elilodwa lawo, wase elipitshiza wase elithanqaza phansi; futhi nje—nje . . . umfo omncane elele lapho eyaluza ezungeza ezungeza, walibulala.

16 Ngase ngithi kuMfowethu Lyle, umfowabo, ngathi, "Niyazi, kungahle kube yilowomthinyane omncane ovuswayo, njengoba siyibonile iNkosi yenza izinto."

17 UMfowethu Lyle, musha nje endleleni. UMoya oNgcwele wawusanda kumtshela nje ukuthi wayeganiwe, nokuthi wayenzeni, nobubi ayebenzile, izinto ayezenzile. Awu, wayecabanga ukuthi uMfowethu Banks wayengitshela lezozinto. Kodwa ngenkathi Umkhipha ngempela, futhi wamtshela ukuthi wayenzeni ngobunye ubusuku ngaphambili, lokho kwa—lokho kwabakukhulu kakhulu kuye. Akakutholanga.

18 Kwase kuthi-ke, ngokusa okulandelayo. . . Ngenkathi, sidoba ubusuku bonke, nezinhlanzi ezincane, sasibamba ezinye senzela isicupho. Kodwa wavele waphosa leyonhlanzi encane emanzini, idikizela, iphenduka ikhwaxuzela. Cishe uhhafu wehora sasihlezi lapho, futhi ngangi . . . Ngathi, "Mfowethu Lyle, dedela inhlanzi igwinye ihhuku lehle njalo liyongena esiswini sayo. Niyabo?" Ngathi, "Thatha udobo iflayi lapha, uluthi qhwaba ngale, isicupho siphume kanjalo; masinya nje lapho iluthinta," ngathi "bese-ke uyibamba nje bese uyayingenisa." Ngathi, "Yona . . . ungayidonsi uyikhiphe kanjalo, ungayigwinyi, wena ubambe inhlanzi."

19 Wathi, "Awu . . . " Wayenolubanzi, udobo olukhulu oludala lulengela, ngale, wathi, "Yilendlela esikwenza ngayo," kanjalo.

20 Ngakho, kwathi nje cishe ngalesosikhathi, ngezwa Into ethize yehla esiqongweni sentaba phezulu lapho, isivunguvungu, sivunguza sizungeza sizungeza. Nansi yehla kanjalo, noMoya kaNkulunkulu wehlela phezu kwesikebhe, wathi, "Sukuma ume ngezinyawo zakho." Wathi, "Khuluma kuleyonhlanzi efile. Uthi, 'Ngikubuyisela ukuphila kwakho.'"

21 Naleyonhlanzi encane yayikade ilele lapho uhhafu wehora, nezibilini zayo zisemlonyeni wayo, nezimbobo zayo zokuphefumula. Ngathi, "Nhlanzana encane, uJesu Kristu ukunika ukuphila kwakho. Phila, eGameni likaJesu Kristu." Ilokhu upaquza ngomhlane wayo, futhi yasuka yehlela emanzini ngelikhulu ijubane.

22 Mfowethu Lyle, ngabe ukhona lapha ndawondawo na? Ngi—ngikubonile izolo ebusuku. Noma ngabe ungaphakathi, ngaphandle, noma ngabe ukuphi, phakamisa isandla sakho uma ngingahle ngikubone. [Omunye ebandleni uthi, "Kuvulande ongaphezulu"—Umhl.] Nithini? Ebal- . . . O, yebo, phezulu le kuvulande ongaphezulu, emafasteleni emuva lapho. Yileyondoda, uFakazi kaJehova.

23 Wathi, "Mfowethu Branham!" Wayejabule ngokweqile, wathi, "Ehhe, kuhle—kuhle ukuba lapha. Akunjalo na?" Wathi, "Ehh—ehhe, ngabe u—ngabe u . . . Ehhe, ucabanga ukuthi lokho bekuchaza mina, lokho—lokho—lokho, ukuthi ngibize

leyonhlanzi encane, yathi, 'Usidubulile lesosivimbo sokugcina'?" Wathi, "Lokho—lokho—lokho bekusho okuthize kimi na?"

24 Ngathi, "Cha, cha, ukuqinisa nje." Waphatheka kabi ngakho.

25 Awu, siyaye sihambe futhi uyazibona lezozinto zenzeka, wazi. . . Manje, cabanga nje, kwakungokokukhombisa ini na? Nganginesiningi isifo esincane sokukhonkobala kwabantwana ohleni lwemikhuleko yami, ngisikhulekela, kodwa lapho sekufika umbono kwakungowenhlanzi encane endala ethi ayibe *ngaka*, cishe engamayintshi amabili ubude noma amathathu. Kwakubukeka sengathi ihhuku lalilikhulu lilingana nenhlanzi. Kodwa okwakuyikho, kwakungukukhombisa wena ukuthi uNkulunkulu ubuka ezintweni ezincane futhi. Niyabo?

26 Ngolunye usuku ngenkathi abanochoko babelele yonke indawo ezweni, Wasebenzisa amandla aKhe wase ebeka isiqalekiso emthini. Uqala ukubuna, ngenkathi kwakukhona abantu belele yonke indawo bedinga lawomandla okuphiliswa. Kodwa, niyabo, Wayefuna ukukhombisa ukuthi unguNkulunkulu phezu kwayo yonke into, noma ngabe kuncane, noma ngabe kukhulu, noma ngabe kuyini. Usenguye uNkulunkulu phezu kwezinto zonke, konke okudaliweyo. Ngakho siyaMthanda ngoba. . . Lokho—lokho kusinika ukuba sazi, uma Ekhathalele ukukhuluma neZwi lokuphila enhlanzini eyize encane ilele lapha ifile, emanzini uhhafu wehora, Angakhuluma ukuPhila ngempela ngelinye ilanga kubantwana baKhe. Akunandaba uma umzimba wakho ungasengaphezulu ngisho kwesipunu esigcwele uthuli, Uyokhuluma, futhi siyoMphendula ngoluny'usuku. UnguNkulunkulu okhathalele yonke into, konke esikwenzayo, konke esikushoyo, yonk'into. Ukhathalele.

Manje asikhothamise amakhanda ethu, ndawo zonke.

27 Angazi manje, ngaphambi kokuba sikhuleke, uma kukhona noma ubani kulobubusuku okhathalele Yena, kodwa nokho awunazo izindawo zakho ozigodlele elinye iZwe lapho esizoMbona khona. Niyazi, ningeke nangena ngaphandle kwezindawo enigodlelwe zona. Futhi anikazenzi okwamanje, kodwa nithanda ukukhunjulwa emkhulekweni manje, ukuthi yonke into izolungiswa phakathi kwenu noNkulunkulu kulobubusuku, ungasiphakamisa nje isandla sakho; uzothi, "Ngikhumbule, Nkosi na"? U. . . Mvumele nje abone isandla sakho. Nkulunkulu, siphe khona.

28 Baba waseZulwini, njengoba sima kulobubusuku phakathi kwabaphilayo nabafileyo; nalezizinto okwenzekayo ngalezizinsuku, ngemfihlakalo, impela zingezifihlakele; kodwa Nkulunkulu, Uyazi noma ziyiqiniso noma qha, Wena unguMahluleli oqinile wamazulu nomhlaba. Futhi sisho lokhu, Nkosi, ukuba nje sikhuthaze abantu (ezinye zezinto

Osikhombise zona), ukuze bakhuthazeke ukuba baKuthande futhi baKukholwe, baKukhonze, nokwazi ukuthi akunandaba ukuthi isenzo sincane kangakanani, sihle noma sibi, Uyasibona. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu othandekayo, ukuthi Uzobusisa zonke lezozandla kulobubusuku, nomphefumulo nomoya obangele ukuba lesosandla siphakame. Futhi ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi lobu kuzoba ngubusuku ukuthi izindawo ezigodlelwe bona zizokwenzelwa leloZwe ngaphesheya komfula. Siphe khona.

29 Philisa abagulayo nabahluphekile, Nkosi, ndawo zombili lapha, konke ngaphandle ezweni lonke lapho u—u—ukusakaza ngamafoni kungena khona. Busisa labo abaphandle lapho ongasindisiwe, abasuka le eCalifornia kuya eNew York, ukusuka eCanada kuya eMexico. Siphe, Nkosi, ukuthi wonke umuntu phansi kokuzwakala kwephimbo lethu, kulobubusuku, bazosindiswa ezonweni zabo, baphiliswe ekuguleni, ngenxa yoBukhona baKho bobuNkulunkulu.

30 Nalona owethu uMfowethu Jackson, ondize esuka le ezansi lena izinkulungwane zamamayela lapha, ukuba abe lapha ngoba into ethize ngokuxakile yashukumisa inhliziyo yakhe. "Futhi bayophupha amaphupho, futhi babone imibono." Nkulunkulu othandekayo, Wena ukugcine kuyimfihlo kimi, ukuthi lokhu kuchaza ukuthini; angazi. Kodwa uma Uzosivakashela, Nkosi, lungiselela izinhliziyo zethu manje ngalokho kuvakashelwa. Ukuze sibe phansi kwamathemba, singazi ukuthi Uzokwenzani, futhi singazi uma Wethembise ukusivakashela ngaleliphupho; asazi. Kodwa si—nje sicaphuna lezozinto ukuthi siyaqonda, ukuthi Wethembisa ukuvakashela abantu baKho, futhi siyakhuleka ukuthi Uzozenza Wena uqobo ube nguwe ngempela kithi lapha. EGameni likaJesu Kristu siyakucela. Amen.

31 Manje, kulobubusuku, emva kokunihlalisa isikhathi eside kangaka izolo ebusuku nakulokhu ukusa, futhi ngithe ukusha izwi kancanyana. Nginophisi omncane wezinwele enginazo, ngizifaka phezu kwempandla yami *endawaneni lapha* uma ngishumayela. Kodwa ngizikhohliwe kulesisikhathi, nalomoya, uvunguza ungena ngalamafastela, uqala ukunginika u—ukusha izwi okuncanyana. Ngangivame uku . . . ngangidingeka ukuthi ngivale imihlangano, kodwa, selokhu ngathola lokho, manje akusangihluphi neze, ngivele ngiqhubeke nje. Futhi ngizikhohliwe, futhi ku . . . Ngi . . . ngithi ukukuzwa, ngakho imikhuleko yenu izobongeka. Futhi manje, lezi yizinkonzo ezimbili usuku nosuku, ukuthi zi . . . kuthi ukuthola . . . Niyazi, uma nithola inqwaba yamamayela, ku . . . Ungakusho.

32 Ngakho manje kinina bantu abaseCalifornia, nangaphandle eArizona, sonke sithumela imikhonzo esizweni sonke. UMfowethu Leo neqembu elilinde eNkosini enhla ePrescott, niyamenywa manje, nani nonke bantu abazungeze iPhoenix, iviki kusukela kulobubusuku, sizoba ngale eYuma edilini.

Sebewathengise onke amathikithi abo lapho futhi bathola ihholo elikhulu ngokuthe xaxa, futhi abakwazi ukubeka abantu. Ngakho fikani ngaphambi kwesikhathi, nonke, ukuze—ukuze ningene. Sizobe-ke sesiqhubekela eLos Angeles ukusuka lapho, ngoMsombuluko olandelayo...ngeSonto elizayo, ngeSonto ebusuku. Futhi ngakho sibheke ukunibona nonke lapho. Izibusiso zikaNkulunkulu ezicebile aziphumule phezu kwenu nonke.

33 Kinina eniseNew York, nani enizungeze enhla eOhio nezindawo ezehlukene, masinya ngifuna ukushumayela umlayezo wokuthi *UMkhondo WeNyoka* (isilwane ekuqaleni, nesilwane ekugcineni), eTabernakele. UBilly uzonithumelela inothi lalokho, ukuthi sizokhuluma nini, ngoba ngenza lokho eTabernakele ngoba kuzoba, okungenani, ngamahora amane noma ngaphezulu ubude.

34 Ngakho manje...ngakho ngifuna nina lapha, lapha nanoma yikuphi lapho enikhona manje, ukuba niphenye eNcwadini kaJobe. INcwadi exake ngempela ukushumayela kuyo, kodwa nje ngifuna ukusebenzisa amanothi ambalwa lapha manje.

35 Bese kuthi-ke, kusasa ekuseni, lapha etabernakele, kuzobakhona izinkonzo zikaSonto Sikole e...Siqala lapha ngasikhathi sini na? [Umlisa uyaphendula, "Ligamenxe elesishiyagalolunye."—Umhl.] Ligamenxe elesishiyagalolunye. Bese kuthi-ke nginenhlanhla yokukhuluma lapha futhi kusasa. NeNkosi ithanda, bengifuna ukukhuluma ngendaba... uma Ithanda, manje, njengoba bengitadisha kulentambama, ukunikhombisa ukuthi, "Yinye kuphela indawo uNkulunkulu ayohlangana khona nomkhonzi." Ehhe, kuphela...Futhi—futhi nginganitshela ukuthi leyondawo iyini, nokuthi liyini iGama laleyondawo, lapho uNkulunkulu eyohlangana khona nomkhonzi.

36 Bese kuthi-ke, kusasa ebusuku, ngizocela usizo, lokho ngukuthi, okwenkonzo yokuphilisa. Futhi ngi—ngifuna inkonzo yokuphilisa eyenziwe yaba yifeshini endala. Futhi uma iNkosi ithanda, ngifuna ukukhuluma ngendaba engethusile namhlanje...Ngenkathi uMfowethu Moore nami besikhuluma phandle ndawonye, abazalwane bami abayigugu, besixoxa ngemiBhalo. nokuthi bekuthandeka kanjani ukuba nalabo bafowethu, njengasezikhathini zakudala. Futhi uthe, "Uyazi Mfowethu Branham, konke ukushumayela oke wasenzela khona lapha eShreveport, *IWundlu neJuba* wawungomunye wemiLayezo egqame ukwedlula yonke owake wasethulela yona lapha eShreveport." Wathi, "Ngiqagele ngoMlayezo wakho okhandlanayo kakhulu kuwe namhlanje, awukaze ufike kowodwa kanjalo."

37 "Uma ngigeja Lowo, ngigeja uMlayezo wami":

Uthando luyiWundlu lami elifayo elithandekayo, IGazi laKho eliyigugu
Alisoze laphela amandla alo,
Kuze kuthi lonke ibandla likaNkulunkulu elihlengiwe
Lisindiswe, ukuba lingabe lisona.

Selokhu kwathi ngokukholwa, ngawubona lowomfudlana
Izilonda zakho eziwuvezayo,
Uthando lokuhlenga beluyindaba yami,
Futhi luyoba yiyo ngize ngife.

38 Kusasa ebusuku, uma kuba yintando yeNkosi, ngifuna ukushumayela ngendaba ethi: *EmaPhikweni EJuba eliMhlophe njengeQhwa.* Kusasa ebusuku: "iNkosi yehla isemaphikweni eJuba," lokho kungukuthi, uma iNkosi ithanda, iphimbo lami lingabi libi kakhulu. Manje . . . ngakho, sikhulekeleni.

39 Manje-ke ngifuna umhlangano womkhuleko oyifeshini endala njengalowo esasinawo ekuqaleni, akukho kubona okufihlakele, nje kunikwe wonke umuntu ikhadi ofuna ukukhulekelwa. Manje, ufanele ube nekhadi, ngakho yibani lapha ukuze uBilly akwazi ukuninika ikhadi futhi aligcine lilayinile. Uma ningakwenzi lokho, abantu balokhu nje bephinda idabuli, futhi baphinde idabuli, futhi baphinde idabuli, futhi akukho-kuphela emgqeni. Noma ubani ongaba nekhadi. Ngifuna uMfowethu Jack ukuba ame ngakimi emgqeni womkhuleko, njengoba uvamise ukukwenza, noMfowethu Brown ukuletha abantu kimi esikhundleni sikaBilly Paul. Ngi—ngi—ngi—ngifuna—ngifuna umugqa womkhuleko oyifeshini endala, futhi nje sizokhuleka ngendlela esasenza ngayo eminyakeni eyedlula.

40 Ngiyajabula kulobubusuku ukuba nomunye omfowethu obambisene nathi, nje ngiqalazile ngase ngiqonda-ke futhi ngambona, emizuzwini embalwa edlule, uMfowethu Gordon Lindsay. Ungomunye wezingwazi ezindala, wayenathi kudala. Enza umsebenzi omkhulu, ebhala ngomshini, ubhala incwadi yami ngomshini manje: *I—ImiNyaka yeBandla eyisiKhombisa.* Sethemba ukuba nayo isilungile futhi, *IziMpawu eziyisiKhombisa.* Uma kwenzeka eyifunda leyo ngaphambi kokuba ayibhale ngomshini, sizoba nengxoxo yesayense yezenkolo. Ngiyayizwa nje iza. Kodwa uyazi ukuthi angisuye usiyazi wezenkolo. Ngakho . . . Kodwa sibheke ikusasa ebusuku. Uma ukhona, Mfowethu Lindsay, yiba lapha kusasa ebusuku. Uma ukhona, uthi-gqi futhi ube kanye nathi emsamo okomhlangano womkhuleko owenziwe ifeshini endala.

41 Bangaki abangathanda ukubona omunye wezingwazi ezindala futhi, lapho esenyusa khona abantu? Lokho kuzoba

kuhle. Manje, letha ogulayo wakho nohluphekileyo, kusasa ebusuku, ngaleyonhloso-ke.

42 Manje, uma unayo iNcwadi kaJobe, ivesi 42. . . noma isahluko 42, namavesi ayisithupha okuqala esahluko 42 kaJobe; ixake impela. Mfowethu Ted Dudley, uma ulalele kulobubusuku, ngale ePhoenix, uyakhumbula wena nami sixoxa ngesinye isikhathi, cishe iviki noma amabili edlule, futhi sabhekisela kulokhu? Ngakutshela, "Ngeliny'ilanga lokho kuyoba yindikimba kimi." Futhi ngifuna ukuyisebenzisa kulobubusuku:

*Wayese* phendula . . .

*UJobe wayeseyiphendula iNKOSI wathi,*

Lalelisisani kulokhu ukufunda, manje.

*Ngiyazi ukuthi ungenza konke, alinaku* ngatshazwa *vinjwa lakho.*

*Ngubani ositheza iziluleko engenakwazi na? ngikhulumile lokho ngingakuqondanga; izimangaliso ezinkulu kunami, ebengingazazi.*

*Ake ungizwe, ngiyakucela, kukhulume mina, ngiyakukubuza: wena ungiphendule.*

*Ngikuzwile ngokuzwa kwendlebe: kepha manje iso lami liyakubona.*

*Ngako ngiyazilahla, ngiyaphenduka ngisotulini nasemloteni.*

43 Manje ngifuna ukuthatha indikimba kulelovesi 5:

*Ngikuzwile ngokuzwa kwendlebe: kepha manje iso lami liyakubona.*

INkosi ayibusise iZwi laYo.

44 UJobe, ake sithathe okuncane kwempilo yakhe. UJobe wayengumprofethi. Wayengumuntu owayephila emuva iBhayibheli lingakalotshwa. Bekucatshangwa ukuthi uJobe ngenye yeziNcwadi ezindala kunazo zonke zeBhayibheli, ngoba yalotshwa uGenesisi engakalotshwa. UJobe, leliqhawe elikhulu nomprofethi, wayeyi—yindoda enamandla ngosuku lwakhe. Akungabazeki ukuthi wayekhuliswe futhi wakhonza iNkosi yonke impilo yakhe. Futhi wayephile impilo yobuqhawe ngempela kubantu, bonke babenokumhlonipha.

45 Kodwa wayefike endaweni lapho ayibiza khona lapha, uku *lingwa* yiNkosi. Kodwa ngithanda ukusebenzisa igama, uku "hlolwa" yiNkosi. Futhi ngeqiniso, "Yonke indodana eza kuNkulunkulu ifanele kuqala ihlolwe, ivivinywe, umntwana oqeqeshiwe." Bese kuthi-ke uma ukuhlolwa kuba l'khuni, futhi sicabanga ukuthi kul'khuni kakhulu futhi singayikulalela (sinake), khona-ke Wathi si "ba ngumntwana wesihlahla, futhi singabi ngumntwana kaNkulunkulu." Ngoba, akukho

lutho olungagudluza owangempela, umntwana kaNkulunkulu ozelwe ngokusha asuke kuMzali wakhe, niyabo, uyingxenye yaKhe. Ungeke usakuphika, uziphika wena uqobo. Niyabo, ubenesipiliyoni, uqeqeshiwe wahlolwa.

46 Futhi manje, lomuntu engumprofethi, wayenokufinyelela emseni kaNkulunkulu, kodwa uJobe wayengenaBhayibheli lokuba alifunde. U . . . iBhayibheli lalingakalotshwa ngalesosikhathi, kodwa wayenokufinyelela kuNkulunkulu ngesambulo nangombono. Lokho kwakungaphambi kokuba iBhayibheli lilotshwe.

47 Manje, sithola ukuthi, futhi sithathe okunye kwempilo yakhe, ngenkathi uNkulunkulu embusisa futhi wamenza umuntu omkhulu. Ngani, ngisho wonke umuntu wayemhlonipha, ngisho nasekuhlakanipheni kwakhe, wayesebe mkhulu kakhulu. Ukuphefumulelwa kwakhe okuvela kuNkulunkulu kwakumqinisekise ukuthi uyinceku kaNkulunkulu, kucace kakhulu, kwaze kwathi abantu bevela ndawo zonke ukuzomuzwa. Kwase kuthi-ke uSathane useqala ukumangalela lowomuntu. Futhi yileyondlela ayenzayo kuyo yonke inceku kaNkulunkulu ephefumulelwe, uSathane ulapho njalo ukuba ammangalele ngakho konke akwenzayo okungalungile.

48 Futhi, manje, sithola impilo yakhe nezivivinyo, nokukholwa kwakhe okukhulu. Ngisho noJesu, ngenkathi Efika emhlabeni, Wabhekisela ekukhuthazeleni kukaJobe. Wathi, "Anifundanga yini ngokukhuthazela kukaJobe na?" Ukukholwa kulindela ngokukhuthazela iZwi elithenjisiwe ukuba ligcwaliseke.

49 Manje, siyaqaphela lapha ukuthi uJobe, emva kokuba esedlule ezivivinyweni zakhe, zonke izinhlupheko zakhe . . . Wayenomndeni othandekayo, basuswa kuye. Wayenempilo enhle, yasuswa kuye. Yonke into eyayingeyakhe kulokhu ukuphila yathathwa. Futhi wahlala ezaleni, nodengezi, enwaya amathumba akhe. Ngisho nakunkosikazi wakhe uqobo, wakhuluma wamelana naye, wathi, "Awumthuki ngani uNkulunkulu, ufe na?"

50 Wathi, "Ukhuluma njengomfazi oyisiwula." Wathi, "INkosi iphile, iNkosi ithathile, malibongwe iGama leNkosi!"

51 Manje, uSathane wayekhuphukele phambi kukaNkulunkulu, ngoba wayekwazi ukuza phambi kukaNkulunkulu, futhi wamangalela amaKristu (noma, amakholwa) sonke isikhathi. Ngakho wamangalela uJobe ngezinto eziningi, futhi wathi "uJobe, isizathu sokuba akhonze uNkulunkulu, ngoba yonke into yayimzela kahle." Kodwa wathi, "Uma Uzongidedela nje ngibe naye, ezandleni zami, ngizomenza aKuthuke ebusweni baKho."

52 Ngifuna niqaphele ukuthi ithemba uNkulunkulu ayenalo ekholweni. Niyabo? U . . . Ngamany'amazwi, uNkulunkulu wathi

kuJobe...noma wathi kuSathane, kanje, “Ungeke ukwenze! Ungumuntu olungileyo (olungisisiwe). Ungumuntu olungileyo. U...akekho onjengaye emhlabeni wonke.” O umuntu onje pho; ukuthi uNkulunkulu uqobo lwaKhe wayezothi esitheni saKhe, “Inceku yaMi iphelele kakhulu, akekho omunye umuntu emhlabeni onjengaye!” O! Ukuba kuphela besingaba yilolohlobo lomuntu! UNkulunkulu obengasethwesa lelothemba! Owaziyo ukuthi asizukuthwista eZwini laKhe noma kuBuYena, noma ngayiphi indlela! Hlalani ngqo, futhi Angabeka ithemba laKhe kithi.

53 Manje, uJobe wayengumuntu owayeyenza imiyalo kaNkulunkulu ngakho konke, ncamashi. NoSathane wayekwazi lokho, kodwa wathi, “Uma Uzomdedela nje ngibe naye, ngizomenza aKuthuke ebusweni baKho.”

54 Ngakho uNkulunkulu wamtshela, Wathi, “Manje, usezandleni zakho, kodwa ungayithathi impilo yakhe.” Futhi uSathane waze ngisho weluleka wafika lapho angafika khona ngalokho. Wathatha wonke umngane, nayo yonke into ayenayo, cishe impela yonke impilo yakhe, kodwa akayithathanga impilo yakhe. Kodwa uJobe wayelokhu ebambelele eqhubeka ngqo, kwakungekho kubuyela emuva.

55 Niyabo, uma indoda noma umuntu eke ngempela wafike waxhumana noNkulunkulu, nalokho kwangoqobo, ukukholwa okwembuliwe ukuthi “uNkulunkulu unguye!” Akukho-lutho, akukho-sikhathi, akukho-ndawo, engake ize yehlukanise leyondoda noNkulunkulu wayo. Ngikholwa ukuthi kwakunguPawulu owathi, “Akukho-mbango, akukho-ndlala, akukho-zingozi, kanjalo akukho-zidalwa eziphilayo, noma ukufa, kumbe noma yini engasehlukanisa nothando lukaNkulunkulu olukuKristu Jesu.” Ugxilise okwehange ngokuphephile kuYe ngoba wagcotshelwa kulokho kuPhila.

56 Kodwa uSathane wayecabanga ukuthi wayengamthwista amjikise kancanyana, futhi ambophe ngozankosi, bese emenza ukuba akwenze. Kodwa, niyabo, uJobe nesambulo sakhe esiphelele sikaNkulunkulu, nokuthi uNkulunkulu wayengubani, nokuthi uNkulunkulu wayemthanda kanjani, walinda! Akunandaba ukuthi mininingwane yini eyayikhona, walinda ukukholwa kwakhe ukuba kuqiniswe, ngoba wayebambelele ngqi kuNkulunkulu, isambulo. Engikhulume ngaso izolo ebusuka.

57 Manje, uma abantu abagulayo osendlini, abantu abakhubazekile, noma nina eninesidingo sikaNkulunkulu, uma ningathola lolohlobo lwesambulo ukuthi ni “lungisisiwe,” uma ngempela nilungisiswa ekuceleni into eniyicelayo, futhi nikholwe ukuthi “Ungumvuzi walabo abaMfunisisayo,” ayikho into engake ize inehlukanise nalokho kukholwa okugxiliswe kini okwehange. Niyabo? Kodwa, kuqala, kufanele kwembulwe kini.

58 Omunye uyafika esikhathini esingeside esedlule, iqembu lendoda, amanye awo alalele kulobubusuku, futhi angitshela, athi . . . Ngangilokhu ngiwatshela, "Hambani niye eKentucky, uoyela uphansi lapho." Ngangazi ukuthi wawukhona, ngangiwubonile embonweni.

59 Awu, oMfowethu Demos abahambanga isikhathi eside. Emva kwesikhashana, ekugcineni, bathi . . . Emva kokuba iTexas ingene. Bathi, "Manje siyehla."

60 Ngathi, "Kufanele ngabe kudala nahamba." Kodwa abakwenzanga.

61 UDemos wathi, "Ngenza elikhulu iphutha kulokho, ngokungakwenzi lokho, Mfowethu Branham."

62 Ngathi, "Uma ubuhambile waya ezansi lapho, ubuyoba nakho konke."

63 Awu, abakulalelanga. Kwase kuthi okokuqala . . . kwase kuthi ngaphambi kokuba sisuke ngalobobusuku . . . I—indawo lapho esasinelantshi khona. UMoya oNgcwele wangikhombisa ufa olukhulu emhlabathini, futhi kulolo kwakugcwele uoyela, nalona ochichima eKentucky wawuyimibhede emincane nje kaoyela ababephampa kuyo, kodwa lona uvela emgobhozweni omkhulu. Ngase ngithi, "Mfowethu Demos, ulapho."

64 Ngakho bahamba ukuyowuhlwaya. Wathi, "Yehla usitshele ukuthi ukuphi—ukuphi umthombo kaoyela."

65 Ngathi, "O, qha! Qha! Qha!"

66 Niyabo, asisisebenziseli ezentengiso isiphiwo sikaNkulunkulu. Qha! Qha! Wayengangitshela ukuthi wawukuphi, kodwa anginasidingo sawo. Ngangingeke ngabanakho ngisho ukukholwa okwenele kokuMbuza. Niyabo? Uma nganginesidingo sawo, ngikholwa ukuthi ngangingaMbuza, Wayezongitshela. Kodwa kuqala, niyabo, izimbangela zakho nezimpokophelo kuzofanele kube kahle. Ufanele ube nezizathu zalokhu. UNkulunkulu akakuniki lezozinto ngoba nje uzicela. Futhi ungeke wacela ngokukholwa ngaphandle uma kukhona impokophelo yangempela kulokho, ukuba sentandweni kaNkulunkulu. Niyabo, uma ufuna ukusinda, ufuna ukusindelani? Niyabo, uma ufuna ukuphiliswa, sizathu sini sokuba ufune ukuphiliswa? Umtshelani uNkulunkulu? Ufuna ukwenzani ngempilo yakho uma usuphilisiwe? Niyabo, kuzofanele kube . . . ufanele ube nembangela nempokophelo, futhi zizofanele zibe ngezifanelekile ngokwentando kaNkulunkulu. Futhi kulapho-ke ukukholwa kwembulwa khona kuwe, noNkulunkulu ngomusa waKhe wobukhosi ubeka lokho kukholwa phakathi lapho, sekuphelile-ke. Niyabo? Manje niyabo?

67 Manje, ukwenza leloZwi libe yiqiniso, ngenkathi abazalwane befika lapho, bane . . . omunye umfo waya ngale

wase ethenga isixheke sento, wase ethengisa imiqasho, wase ekhohlisa omunye ngapha. Ngathi, "Uyabo, ngeke kusebenze." Manje ukwenza nje *isiprofetho* sibe ngesiqinisileyo, phakathi kwamayadi ayikhulu kwalapho lawa indoda ayegubha khona umthombo wawo, enye indoda yanqwamana nempophoma enkulu. Futhi ulapho, imiphongolo kaoyela engamakhulu ayishumi nanye ngohhafu wosuku, noma okuthize noma okunye okufana nalokho; usalokhu uphuma, kuwo impela lowomgobhozo omkhulu. Kodwa nje ukwenza isiprofetho, iZwi elashiwoyo ukuthi wawulapho, wawulapho. Yonke eminye yayo yacishe yoma nkwe, ndawo zonke eKentucky yonke. Iziziba ezincane, baziphampa isikhashanyana, base beyahamba. Kuphela kungukuchichima kwa *lesi*. Niyabo?

68 Kodwa, ngenxa yobugovu obangena phakathi kwakho, izimpokophelo yayiyiphutha, ukusayina isixheke sento "kwakuzoba *kanje*," kanti babethembise ukuthi babezokwenzela uMbuso kaNkulunkulu, kodwa kubukeka sengathi kungokwabo. Niyabo?

69 Futhi ngeke kusebenze, akukho-nto ewubugovu eyosebenza. Izimbangela zakho nezimpokophelo kufanele kube ncamashi, kuphelele kahle, khona-ke unokukholwa ukuba ucele. "Uma izinhliziyo zethu zingasilahli, khona-ke sinethemba." Niyabo? Niyabo, sifanele sibe nethemba. "Ngifuna lokhu kuye ekuhlonishweni nasekudunyisweni kukaNkulunkulu." Khona-ke ukukholwa kuno—kunomgudu okuzongena kuwo; uma kungangeni, khona-ke unokwengqondo, ukukholwa kwezihlakaniphi, futhi akusikho ukukholwa okungokoqobo okuvela kuNkulunkulu. Lokho kukholwa kokuhlakanipha ngeke kukufikise ndawo. Kungahle kukutholele amadlingozi, kodwa ngeke kukutholele ukuphiliswa okubhekile.

70 Ngakho, uJobe, ezihlola yena enokukholwa kwangoqobo uNkulunkulu ayemuphe khona ukuthi waye "lungile," ukuthi wayekwenze konke uNkulunkulu ayemdinga ukuba akwenze. Manje uma sizokhulekelwa, ukugula kwethu, angazi noma sikwenze konke uNkulunkulu asidinga ukuba sikwenze. Ngabe silandele konke nokuncane ncuncu komBhalo na? Ngabe siMnike izinhliziyo zethu nezimpilo zethu ekukhonzeni na? Sizathu sini sokuba ufune ukuphiliswa na? Yingalesosizathu ningeke nathola ukukholwa ngokwenele, niyabo, ngoba mhlawumbe anikayenzi lento kuNkulunkulu ngobuqotho ngokuvela enhliziyweni yenu. Njengoba kwenza uHezekiya, unika uNkulunkulu isizathu, wayefuna ukuyalela umbuso wakhe—wakhe. NoNkulunkulu wathumela umprofethi waKhe emuva wase emtshela, futhi wayezophiliswa. Niyabo? Kodwa, ufanele wenze lezozinto zilunge, kuqala.

71 Ngakho manje-ke uthi masinya nje ningangena kulezizindawo futhi nazi ukuthi kwembuliwe kini ngeZwi

likaNkulunkulu, ngesambulo, ngeZwi uNkulunkulu adinga nilenze, khona-ke ninokukholwa, ukukholwa kwangokoqobo.

72 Manje, njengoAbrahama nje ngenkathi eneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye ubudala. Ngikholwa wukuthi nguGenesisi 17. UNkulunkulu wabonakala kulendoda endala, manje, iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye ubudala, ngenkathi wayeseniminyaka ethi ayibe yikhulu impela ubudala, owayekade elindele lesosithembiso yonke leminyaka. Wabonakala kuye gegama lika *El Shaddai,* "onamaBele." Futhi kwakungukukhuthaza okunje pho, nokho isithembiso sasingakagcwaliswa ngaleyonkathi. Kodwa, "Abrahama, NginguNkulunkulu uSomandla, u *El Shaddai*, 'umnikezi-Mandla, uNkulunkulu onamaBele.'"

73 Njengoba nginitshelile ngaphambili, njengengane encane etetemayo, futhi igula, futhi ikhala, futhi ilele phezu kwebele likamama wayo. Futhi incela amandla abuya kuye, ngoba iyeneliseka ngenkathi incela, ngoba ukufinyelela kuphela enakho nekwaziyo kuyibele likamama wayo. Ayazi-thamo lomuthi. Ubungahle uyinike ithamo lomuthi, ibiyonswininiza futhi ikhale. Uyijove engalweni, futhi ibiyoqhubeka. Kodwa ukufinyelela kuphela ukuyenelisa yibele likanina.

74 Futhi Wathi, "Abrahama, usumdala, amandla akho awasekho, izingalo zakho sezishwabene, ubudoda bakho abusekho kodwa nginguMama wakho. Bamba isithembiso saMi nje, futhi weneliseke ngenkathi usalindile. Phumula!"

75 Manje, yingaleyondlela kulolonke ikholwa, akunandaba ukuthi umdlavuza usukuthole kanjani, ukuthi ubuhlezi isikhathi eside kangakanani esihlalweni esinamasondo, noma yiziphi zalezozinto, nje uma ungasibamba ngqi lesosambulo esivela kuNkulunkulu! Bese-ke weneliseka, wazi ukuthi kuzokwenzeka, ngoba ukukholwa kulindela isithembiso ngokubekezela. Niyabo?

76 UJobe wazi ukuthi wayeseqinisweni. Uma sithola, lapha emiBhalweni, ukuthi kwakukhona...lababafo beza kuye; Amalunga akhe ebandla. Yonke into eyake yabonakala ithandeka kuye yamphendukela, futhi bazama ukumbeka icala ngokuthi uyisoni esifihlayo, ngoba zonke lezizinto zazenzeke kuye. Uzwa abantu, nanamhlanje, bathi, "Ngakutshela. Awumbheke! Uyabona ukuthi...?" Lokho akusilo nhlobo iqiniso. Ngesinye isikhathi nguNkulunkulu ehlola abantu baKhe. Kulendaba, kwakunguNkulunkulu ehlola uJobe, indoda engcono ukwedlula onke eyayikhona emhlabeni ngesikhathi. Manje, Wayembambile-ke ngaleyonkathi, ngenxa yokuthi Wayemazi uJobe ukuthi wayengumprofethi owayekade enombono ovela kuNkulunkulu, ukuthi wayekade enze khona ncamashi uNkulunkulu ayemtshele ukuba akwenze futhi u...

UNkulunkulu wayebophezelekile ukugcina isithembiso saKhe kuye.

77 O! Onke amaKristu lizofanele libe yilokho. Lapho sekufika umzabalazo wokugcina wokuphila kwethu, nokufa sekudlikiza emphinjeni wethu, sifanele sibe silokhu sibambelele ngesineke futhi sikhumbule ukuthi uNkulunkulu wathi, "Ngiyokuvusa futhi ngomhla wokuphela." Niyabo? Ufanele ukubambe lokho—lokho, ubufakazi bethu, indawo yethu kuKristu, isikhundla sethu, lokho esiyikho, sazi ukuthi sigcine lonke iZwi lomyalo waKhe. "Babusisiwe abenza imiyalo yaKhe ukuze babe nelungelo lokungena." Niyabo? Futhi nxa sazi, ukuthi akunandaba ukuthi ubani utheni, siwugcine wonke umyalo esiwubona eBhayibhelini, ukuthi uNkulunkulu usenzele... sitshele ukuba siwenze, ngokuzithoba, nothando, nokuhlonipha kuMdali Owaloba iBhayibheli.

78 Sithi, "Lalotshwa ngumuntu."

79 "Umuntu wasendulo, efuqwa nguMoya oNgcwele, waLiloba." Niyabo? Niyabo, uNkulunkulu waLiloba ngomuntu. Njengomprofethi ukhuluma iZwi laKhe, akusilo izwi lomprofethi, yiZwi likaNkulunkulu, niyabo, ngomprofethi. Yingalesosizathu Lifanele lifezeke, uma ngempela kuyiQiniso.

80 Manje, siyambona lomuntu omkhulu. Futhi, khumbulani, uJobe wayengenaBhayibheli angalifunda ngosuku lwakhe. Qhabo! Kuphela wahamba ngokuphefumulelwa. Wayengumprofethi eliza kuye iZwi leNkosi. Waye—wayefanele kuphela aphefumulelwe, ngoba wayesazi isikhundla sakhe ukuthi wayengumprofethi kaNkulunkulu. Manje, into kuphela eyayidingeka yenzeke, yayingukuba ukuphefumulelwa kushaye kuye. Wayesazi-ke ukuthi ayekushilo kwakuzokwenzeka, ngoba kwakungokuphefumulelwa.

81 Yilokho-ke ibandla, uma limi ngokwenqubo (lihlelekile), kuphela li...linezihambisi-mshini esezimi ngomumo, lidinga kuphela amandla okuhambisa. Kulobubusuku, uma sizothola izihambisi-mshini zimi ngomumo, silungise izinhliziyo zethu, izinto esingazenza, silandele lonke iZwi, silandele Yena ngombhaphathizo, siMlandele ngayo yonke inqubo efanele asitshela ukuba siyenze, sibe nezihambisi-mshini esezimi ngomumo, futhi sime lapho; khona-ke sesilungele amandla okuhambisa ukuba okhelwe, futhi nguNkulunkulu kuphela ongakwenza lokho; nalokho kufanele kuthi qathatha enhliziyweni yenu lokho kukholwa okuthi, "Ngiphilisiwe." Manje-ke akwenzi-mehluko ukuthi imininingwane uyini, niphilisiwe noma kanjani; ngoba ngukukholwa, ngokukholwa niphilisiwe.

82 Wayenomgudu wokuxhumana kuNkulunkulu, ayewuthole ngokuphefumulelwa. Wayenendlela yokuzikhipha yena uqobo, bese ededela uNkulunkulu angene. Futhi wayazi

ukuthi wayelungisisiwe. Kwakuyisipho, kwakuyisipho sabantu; hhayi esikaJobe, kodwa esabantu. Ziyilokho izipho zobuNkulunkulu, ukukhonza ngaso abantu bakaNkulunkulu. Wonke umuntu akayaliwe ukuba abe ngumprofethi. Nonke ani. . . akayaliwe ukukhulekela abagulayo. Bonke akayaliwe ukuba babengabelusi, kanjalonjalo. Kodwa ngumgudu uNkulunkulu abavulele wona. Futhi ngisho njengoba besinakho kulokhu ukusa esifundweni, ukuthi u. . . Indoda eyodwa ayinamsebenzi wokuba iphambukele emgudwini wenye indoda elandelayo, akunandaba ukuthi iphefumulelwe kangakanani, ukuthi kubonakala kukukhulu kangakanani, ukuthi kuhle. . . Bangaki akade besemhlanganweni kulokhu ukusa na? Ake sibone isandla senu. Niyabo? Niyabo, ungeke.

83 Nango uDavide, ephefumulelwe nje ngakho konke, bonke abantu bememeza futhi bedumisa uNkulunkulu, ngesizathu esasibonakala impela singumBhalo, kodwa wayengumuntu ongafanele. Lokho kuphefumulelwa kwakufanele kuze kuNathani, hhayi uDavide. Niyabo, akazange abuze ngisho uNathani. Niyabona ukuthi kwenzekani na? Niyabo, sine. . . UNkulunkulu wathi A "kenzi lutho aze Akwembule ezincekwini zaKhe abaprofethi."

84 NoJobe wayeyilomprofethi ngosuku lwakhe. Manje, into kuphela uNkulunkulu ayeyenze kuJobe: Okumnika ukuhlakanipha njalo neZwi laKhe nokuphefumulelwa, wayengasatholi-kuphefumulelwa. Kodwa wayazi ukuthi izihambisi-mshini zakhe (wayenikele ngomnikelo wokushiswa, wayenze konke ayekwazi ukukukwenza ukuthi kwakufanele), kodwa akatholanga-zwi elivela kuNkulunkulu. Kodwa uDeveli akakwazanga ukumgudluza! Nakho lapho okhona.

85 Manje, nakho lapho okhona uma ukhulekelwe. Awudingi ukuba ubuyele emuva ngomugqa, noma uhambe uvumele omunye umuntu akukhulekele. Uma wazi ukuthi wenze khona impela uNkulunkulu akutshele ukuba ukwenze niyabo?, bese-ke ulindela lowmgudu wokuphefumulelwa ukuba uvuleke kuwe futhi "Manje sengiphilisiwe!" Uma kuqathakela phakathi lapho, khona-ke sekuphelile. O, awudingi-migqa yemikhuleko, lutho olunye, sekuphelile! Kwembuliwe kuwe! Niyabo?

86 Njengomprofethi omdala nje ekufikeni kweNkosi uJesu, sithola ukuthi kwembulwa kuye, isazi esidala, ukuthi "wayengezukukubona ukufa aze ukuba usembonile uKristu weNkosi." Futhi wakukholwa Lokho, futhi waKulindela. Nabantu babecabanga ukuthi wayehlanya, ikhehla lase lilahlekelwe yingqondo. Kodwa lalisalokhu liKukholwa! Akukho okwakungamnyakazisa kuKho, wayazi ukuthi uNkulunkulu wayeKwembulile kuye, ngokuba iBhayibheli lathi, "Kwakwembuliwe kuye ngoMoya oNgcwele."

87 USimeyoni ezongena eTempelini ngalowomzuzu, wawelela ngale futhi unika uNkulunkulu udumo, wayesethi, "Sale usumukisa inceku yaKho ngokuthula." Lapho equkula leyongane, "Amehlo ami abonile insindiso yaKho." Niyabo, wayazi ukuthi wayezoKubona. Akunandaba ukuthi zingaki izingane ayezozivakashela ngosuku, wayazi ukuthi uNkulunkulu wayemembulele ukuthi wayezobona uKristu ngaphambi kokuba afe. USimeyoni wakukholwa lokho.

88 Manje uma kwembuliwe *kuwe*, ukuthi wena uqobo lwakho usemukele isithembiso sikaNkulunkulu; ukuphefumulelwa, nina ningamaKristu, kukushayile, awudingi ngisho nomugqa womkhuleko. Into . . . into kuphela oyidingayo yinhliziyo evulekile uma zonke izihambisi-mshini sezimi ngomumo, futhi uvumele ukuphefumulelwa kuthi qatha kungene, khona-ke akukho lutho olungashintsha ingqondo yakho; usunakho. Ngaphandle kwalokho, ngeke kukusize ngalutho.

89 Manje qaphelani, uJobe wayedinga umgudu wokuphefumulelwa, wayenawo uvulekile. Wayenomgudu ukuba axhumane noNkulunkulu, ngokuphefumulela kwaKhe. Wayenendlela yokuzikhipha yena uqobo bese ededela iZwi likaNkulunkulu lingene. Qaphelani ukuthi be—beza kanjani ukuzobuza kuye bevela eMpumalanga naseNtshonalanga, abantu befuna yena ngoba bayazi ukuthi okushiwo nguJobe kwakuyiQiniso. Babazi ukuthi lowomuntu wayebatshela iQiniso. Ngoba, akuprofethayo, yilokho okwenzekayo! Futhi ngakho abantu beza bevela eMpumalanga naseNtshonalanga.

90 Wathi wayeya ezimakethe, amakhosana avela eMpumalanga ayemkhothamela, ukuzwa nje izwi elilodwa lenduduzo elivela kuye, ukuhlakanipha kwakhe okukhulu nokunamandla, ngoba babazi ukuthi indoda yayiqotho. Wayengafuni ukuziqhoshisa, wayengenazimbazo azozilola, kungekho ntambo azozidonsa, wayengumprofethi oqotho nje phambi kukaNkulunkulu. Futhi babemethemba, futhi wonke umuntu usuka eMpumalanga naseNtshonalanga ukuba nje azokhuluma naye isikhashana. Wakhuluma ngakho, eBhayibhelini lapha. Kodwa, niyabo, wayeshoda ngokuphefumulelwa ukuba kumtshele ukuthi konke lokhu kwakumayelana nani. UNkulunkulu wakudedela kwenzeka, akamtshelanga.

91 Kwase kuthi, ngeliny'ilanga, sithola ukuthi kulokho, yilesosikhathi a . . . Wonk'umuntu, inqobo nje uma ungabasiza, "Kulungile." Kodwa uma befuna ukuphikisana nawe, ifika ngaleyonkathi-ke inkathazo. Kodwa yena yedwa wayazi ukuthi wayeqinisile; ukushaya kwakhe kwemithambo yokukholwa, kokuzwa iZwi likaNkulunkulu likhuluma kuye, wayazi ukuthi kwakuyiQiniso. Yebo, mnumzane! Wayelazi iPhimbo likaNkulunkulu. Akekho owayengamenza isilima ngaLo, ngokuba wayeLazi. Li . . . Kodwa uma uke wa . . . kukhona okwembulwa kuwe, mhlawumbe okuphambene

kunalokho abantu abakucabangayo...Manje, ngikhuluma olayinini wabaprofethi. Uma kunguNkulunkulu embula into ethize, okungukuthi, uma kuba khona imfihlo evela kuNkulunkulu ukuba yaziwe kubantu, ayisoze yafika ngekholiji, ayisoze yafika ngeqembu labantu, ayikaze. Iyohlala njalo, ibiyilokhu, futhi iyobe ilokhu, ingomuntu oyedwa ngamunye, umprofethi! UAmose 3:7, niyabo, "INkosi ayenzi lutho kuqala IngaYembulanga ngabaprofethi baYo."

92 Futhi, manje, uJobe wayenokuthize okwakungalungile kuye, kodwa akazange akuthole ukuphefumulelwa kuye, futhi kwakumkhathaza, nalokho...uma ungena kulolohlobo lokugxilisa, yingaleyonkathi-ke la isitha singena kuwo wonke umngane, cishe, onaye. Futhi baqala ukumbeka icala. O, kufanele ukuthi kwaba yinto ewusizi kuye ukwazi abangane bakhe abambeka icala, uSathane-ke useyahamba uzihlanganisa nesitha. Ungena ngaleyonkathi-ke uSathane, "Ake ngibe naye, futhi uzoKuthuka kobaKho...Ngizomenza awuphike uMlayezo wakhe. Ngizomenza aKwethuke. Ngizomenza abuyele emuva futhi athi 'Bekuyiphutha konke.'" Wase-ke emvivinya ngakho konke ayengakwenza, kuyo yonke indoda enkulu nabangane ayevamise ukuba nabo. Kodwa uJobe wama wabambelela, ngoba wayazi ukuthi wayelizwile iPhimbo likaNkulunkulu!

93 O Nkulunkulu, siza, kusasa ebusuku, ukuba ngikwazi ukuthola lowo othi *amaPhiko EJuba*. Niyabo, ngezwa iPhimbo likaNkulunkulu elasho into ethize, futhi izokwenzeka ngaleyondlela! Ngokufanayo nje njengoba lezi ezinye izinto kwenzekile, kuzokwenzeka!

94 Manje, uJobe wazi ukuthi kwakuzokwenzeka. Futhi wayazi ukuthi uNkulunkulu wayemtshelile, ukuthi waye "lungile." Kodwa bamenza isoni, ngakho walinda-ke ukuphefumulelwa. USathane engenisa bonke a—abantu futhi ufika ujika nge... abaduduzi bakhe, ababebizwa kanjalo, futhi bembeka icala, akuzange kumnyakazise nakancu. Kodwa lapho iZwi likaNkulunkulu liqala ukuqinisekiswa kuye...Wayezwile ngoNkulunkulu ngokuzwa kwendlebe, kodwa ngelinye ilanga ehlezi phandle esikhathini sakhe esiphansi kunazozonke... Futhi esahlezi lapho, futhi wonke umuntu embeka icala, ngisho nomkakhe emtshela ukuthi waye "nephutha," wayenwaya amathumba akhe. NoElihu wehla futhi wamsola ngokuba ngonobugovu, ngendlela ayebeka ngayo icala uNkulunkulu kanjalonjalo.

95 Kwase kuthi-ke ngalesosikhathi kwakulapho efikelwa ngukuphefumulelwa, yilapho imibani eqala ukubaneka khona, imidumo iqala ukuduma, lapho kungenkathi ukuphefumulelwa kufika kumprofethi, wayesesukuma, wayesethi, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona! Futhi ngemihla yokuphela Uyoma phezu kwalomhlaba. Nakuba izibungu zesikhumba zibhubhisa

lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu, Engiyakumbona mina uqobo."

96 Wabona. . . Babekade bekhuluma ngezihlahla, impilo yezitshalo, ukuthi sifa kanjani sibuye siphile futhi; amanzi ayasibuyisa futhi, ukunuka kwamanzi, iphunga lamanzi, imiphumela yamanzi ithelwa esihlahleni noma okuthize, imbewu eyangena emhlabathini. Wathi, "Kepha umuntu ulala phansi agqabuke, abantwana bakhe bayafika ukuzohlonipha futhi akakuboni. O sengathi ungangifihla ethuneni" (uJobe 14) "kuze kwedlule ulaka lwaKho." Wathi, "Kepha uma umuntu efa, uyakubuye aphile na? Zonke izinsuku zomshikashika wokuphila kwami, ngiyakulinda kuze kufike ukumuka kwami. Uyakungibiza, mina ngiphendule. Ungibekele imikhawulo ukuze ngingedluli," kanjalonjalo. Wayezazi zonke lezizinto. Wayebhekisisa isihlahla siphila, kodwa kwenzekani kumuntu uma efa na? Akavukanga futhi. Ngakho, uNkulunkulu wayemkhombisa loMhlengi.

97 Wayefuna ukubona ukuthi wayekhona yini umuntu owayengamnxusela. Wayekade enxusele abantu abaningi, kodwa manje ngabe ukhona umuntu ongamkhulumela na? Ngabe wayekhona umuntu owayengabeka isandla sakhe phezu kukaJobe, noma phezu komuntu oyisoni noNkulunkulu oNgcwele, bese enza ibriji libe yindlela na? Ngabe wayengaya endlini yaKhe futhi angqongqoze emnyango na? Ngabe Wayeyovula umnyango bese ekhuluma naye isikhashana na?

98 Kodwa, manje-ke, lapho ukuphefumulelwa sekuqathakela enhliziyweni yakhe, khona-ke wayesekwazi ukubona uNkulunkulu. Umbani uyabaneka, izulu liyaduma. Futhi lapho likwenza, wama ngezinyawo zakhe, wayesethi, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona! UMhlengi wami, futhi ngemihla yokuphela Uyoma emhlabeni." Niyabo, wayeseqale ukubona ukuphendula kukaNkulunkulu ekukholweni kwakhe.

99 Manje, siyamangala ukuthi besingambona yini uNkulunkulu. Ngabe ikhona yini indlela ebesingaMbona ngayo na? Manje, kwakuyindlela kuphela uNkulunkulu ayenayo, ehlola uJobe. Wathi, "Ngizwile ngaWe ngokuzwa kwendlebe, kepha manje ngiyaKubona. Kepha manje ngiyaKubona, ngamehlo ami." Umbono wongabonwa wase wenziwe waba sobala. Wabona ifu liphithizela, wakuzwa ukubaneka kombani, noma wakubona. Futhi wakubona ukuduma kwezulu, mhlawumbe ngosuku olwalubalele, futhi wambona uNkulunkulu wayekulelofu nakulowombani. Wayekwazi ukubona uNkulunkulu, ngamehlo akhe emvelo. Niyabo, ngoba ongabonwayo wenziwa waba ngobonwayo. Umbono obonwayo wabanye waqinisekiswa-ke, usobala, esweni lemvelo.

100 Njengokukholwa nje nemisebenzi, njengoba sikhulume ngakho izolo ebusuku. UAbrahama, qhabo. . . wayengenalo

ngisho neBhayibheli ukuba alifunde, kodwa wayengumprofethi, umbono wakhe nokukholwa kwakhe. Futhi kwakubonakala sengathi kwakungafanele kwabanye ukuba acabange ngaleyondlela, ukuthi wayefanele acabange ukuthi wayezoba nengane. Kodwa babanayo ingane, ngoba umbono wakhe wengane wawuyilokho ayekhuluma ngakho, "Ngizoba nayo! Ngizoba nayo!" Kodwa lapho ingane isizalwa, khona-ke abanye abantu bakwazi ukukubona ngeso lokho akubona ngeso embonweni. Futhi uma uhamba wenze lokho okukholwayo enhliziyweni yakho, khona-ke abantu bayamazi uNkulunkulu, futhi bayazi ukuthi kwenzekani kuwe, ngendlela owenza ngayo. Umbona kanjalo-ke uNkulunkulu ngeso. Kodwa kuye, nakuba wayenze lokho okwakukuhle, konke lokho ayekwenzele abanye, wayedinga umuntu ayezomnxusela. Nxa kufika ukuzalwa kwengane, uIsaka, u—ukuphefumulelwa okwakumholele kulokhu kwakuqinisekise umbono wakhe kuye lapho abantu ababekwazi khona ukubona ukuthi lokho ayekubonile embonweni kwakuyiQiniso ngempela.

101 Manje, ngezinye izikhathi lokhu ukushaya kwemithambo yokukholwa kufika ngqo ngesikhathi esibucayi. Ngokuvamile ngubucayi obu obusiqhubela kulokhu. Kwakungubucayi obaqhubela uJobe kulokhu. Ngani, wayesesekugcineni kwempilo yakhe. Abantwana bakhe wayesefile; amakameli akhe. Nakho konke okwezimpahla zakhe kwakungasekho futhi kwabhujiswa. Ukuphila kwakhe uqobo, wayeqhumuke kusukela emqheleni wekhanda lakhe kuya ematheni ezinyawo zakhe enamathumba. Kwakungubucayi, ukuthi wazicindezela yena uqobo, yilapho-ke ukuphefumulelwa okwakumfikela khona.

102 Owesilisa nabesifazane, kulobubusuku, ukuba beningaqalaza bese nibona ukuthi sisondele kangakanani ekuFikeni kweNkosi. Nina enivale umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Ningahle ukuba benethembele emadlingozini athile, noma into eniyenzile uSathane angayilingisa, futhi ningabi noMoya wangempela kini ukuba nihambe indlela yonke ezithembisweni zikaNkulunkulu. Angakwenzn kanjani umuntu ozisho ukuthi unoMoya oNgcwele aphike iZwi elilodwa laleliBhayibheli, ngokuthi, "aliqinisile na"? Ungeke wakwenza!

103 Akunandaba ukuthi unenkolo kangakanani, ukuthi usonta emabandleni amangaki, ukuthi igama lakho lisemabhukwini amangaki, uma lowoMoya oNgcwele wangoqobo ukuwe (oyileliZwi elibonakalisiwe) uzowubona uMlayezo nehora, ngoba nguMoya oNgcwele okwenzayo. Kodwa kuzofanele kube nento ethize ekhanyisa lokho, ukuphefumulelwa kufika kuwe. Futhi uma kukhona . . . uma uthela amanzi emhlabathini, emhlabathini, emhlabathini, futhi kungekho-mbewu lapho ukufika kuyo, ingake ithele kanjani noma yini na? Akukholutho lapho yokuthela. Lokho ngukuthi, ukuthi abaKhethiweyo bakaNkulunkulu kuphela abazoLibona.

104 AbaKhethiweyo bakaNkulunkulu baLibona ngesikhathi sikaNowa, isikhathi sikaMose, isikhathi sikaJesu, isikhathi sabaphostoli, isikhathi sikaLuther, isikhathi sikaWesley, isikhathi sePentekoste, ngoba leyo kwakuyiMbewu eyayisemhlabeni ngenkathi lokhu ukuphefumulelwa kuthululwa. Manje ngenkathi ukuphefumulelwa kusathululwa, ukuqoqela ndawonye uMlobokazi, yilabo kuphela abaKhethiwe abazoLibona. UJesu wathi, "NgiyaKubonga, Baba, ukuthi Ukufihlile lokhu emehlweni abahlakaniphile nabanokuqonda, futhi waKwembulela izingane zona ezifundayo." Manje, ukuphefumulelwa kufanele kufinyelele kukho.

105 Manje, ngenkathi ukuphefumulelwa kufika kuye, kwenziwa yilokho. WabanaKho-ke! Manje, siyathola, nakho kufika isikhathi salobubucayi uma kukhona ukucindezela ngqo. Futhi qalazani namhlanje, bukani isimo esiphila kuso. Asiphili khona yini eSodoma naseGomora lesimodeni na? Alibuyanga yini izwe na? Lelo kwakuyizwe labeZizwe elabhujiswa ngaleyonkathi, ngomlilo. Akashongo yini uJesu, kuLuka oNgcwele, isahluko 17, ivesi 28, 29, nelama 30, ukuthi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba-njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu, lapho iNdodana yomuntu yembulwa na"? Yini eye "mbuliwe na"? Yimfihlo eyazisiweyo, isambulo; ngukwembula noma ukwazisa imfihlo.

106 Manje, lezizinto ebifihliwe kuyo yonke iminyaka yebandla manje isimbuliwe, saziwa. Manje, besingakusho lokho, futhi uma uNkulunkulu engakwesekelanga lokho, lokho kuyiphutha. Niyabo, uNkulunkulu akadingi-muntu ukuba ahumushe iZwi laKhe, Ungumhumushi waKhe Yena. Wathi, "Intombi iyokhulelwa," futhi yakwenza. Wathi, "Makube-khona ukukhanya," futhi kwabakhona. Futhi asiphili khona onyakeni kaLuther, unyaka kaWesley, noma unyaka wePentekoste. Unyaka wePentekoste kuphela wawungukubuyiselwa kweziphiwo zibuyela ebandleni, kodwa siphila esikhathini sokuhlwa, siphila esikhathini sokubizelwa ngaphandle koMlobokazi.

107 Futhi njengoba nje kwakul'khuni kumaKatolika ukubona uLuther, nabakaLuther ukubona uWesley, nePenteco-. . . abakaWesley ukubona unyaka wePentekoste, kanjalo kul'khuni kumaPentecostal ukubona *LO*nyaka. Bekuhlala njalo kungaleyondlela, ngoba Kuthululwa phezu kweMbewu eKhethiweyo, futhi lokho kuphela. Lifundisa lokho-ke iBhayibheli. Abakwazi ukuKubona, uJesu waze wabakhulekela, wathi, "Babephuphuthekile, kanti babengakwazi." Isambulo siyasitshela, kulonyaka webandla laseLawodikeya, ngenkathi Ekhishelwa ngaphandle kwebandla, ukuthi babe "hambaze! bempofu! bengabokuhawukelwa! bephuphuthekile! kanti kabazi." Sekubuyile futhi, abakwazi ukuKubona, abakwazi ukuKuqonda. Bangene ngesikhulu isinyelela emasikweni!

108 Kodwa khumbulani isithembiso seZwi likaNkulunkulu ngomlomo kaJesu Kristu, yena impela uNkulunkulu owakhuluma kwavela okudaliweyo, WayenguYe ngaphambi kokusekelwa kwezwe owakhuluma amazwi "Futhi makube-khona," futhi kwabakhona. Ngokuba Wathi, "Wayesezweni, nezwe lenziwa nguYe, nezwe aliMazanga. Kepha labo abaMaziyo, Wabanika amandla ukuba babengamadodana kaNkulunkulu." UMdali impela, noMdali impela uqobo lwaKhe, ngenkathi Evusa uLazaru ekufeni, Wathi, "Ningamangali ngalokhu, ngokuba ihora liyeza lapho bonke abasethuneni beyakulizwa iPhimbo leNdodana yomuntu, futhi baphume." UNkulunkulu impela owathi "Makube-khona ukuKhanya," wathi "IPhimbo leNdodana yomuntu liyovusa labo abasethuneni." Kufanele kwenzeke ngesikhathi sakho sonyaka. Wakhuluma, "Makube-khona iduna nesikazi," kanjalonjalo, nakho konke lokhu, iminyaka na, makhulu eminyaka kungakenzeki.

109 Ukuphefumulelwa kwashaya umprofethi uIsaya, wathi, "Sizalelwe umntwana, siphiwe indodana. IGama laKhe liyakuthiwa uMluleki, iNkosi yokuThula, uNkulunkulu onaMandla, uYise ongunaphakade." Kwedlula iminyaka, izinyanga, iminyaka, izinsuku, amaviki, iminyaka isongeka, amakhulu eminyaka esongeka. Eminyakeni engamakhulu ayisishiyagalombili kamuva, uEmanuweli wazalwa yintombi! Ngani? Yingoba kwakhulunywa yizindebe zomprofethi ogcotshiwe, kwaphuma imbewu. Niyabo? "Nalelohora elikhulu," wathi, "ningafuna . . . celani kiMi umbono noma isibonakaliso."

110 Wathi, "Ngiyakubanika isibonakaliso, isibonakaliso esingapheliyo, 'Intombi iyokhulelwa,' isibonakaliso esingapheliyo."

111 Manje, sithola ukuthi ngalawomahora okuxineka ngempela, lokho ngokuvamile kungalenkathi uMoya kaNkulunkulu ungena khona. Udedela abantwana bamaHeberu bahambe bayongena ngqo esithandweni somlilo, ngaphambi kokuba Aze anyakazise isandla. Kodwa uma Esenyakaza, Uyanyakaza.

112 Manje, siyaqaphela lapha ukuthi kuLuka, i—isahluko 17, nevesi 30, ukuthi Wathi, "Ngezinsuku zokugcina, ukuthi iNdodana yomuntu Iyozembula yona uqobo njengoba Yenza ngaphambi nje kweSodoma neGomora, nalesosimo esifanayo siyobakhona." Washo mayelana noMose, mayelana . . . futhi ngiyaxolisa, hhayi ngoMose, kodwa ngoNowa. Ukuthi abantu waye "dla, ephuza, kanjalonjalo beganwa bendiswa." Useyafika-ke, Wathi, "Manje, njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakuba-njalo ngesikhathi lapho iNdodana yomuntu yembulwa." Manje, bhekisisani, iNdodana yomuntu yembulwa eqenjini lika-Abrahama, njengomuntu, umprofethi esimweni

senyama yomuntu, umuntu ojwayelekile nje enothuli ezingutsheni zaKhe, noAbrahama waMbiza ngo "Elohim."

113 Manje, uJesu uyethembisa lapha ukuthi ngezinsuku zokugcina iNdodana yomuntu iyokwambulwa futhi kulolohlobo olufanayo lweqembu, iNzalo yobukhosi ka-Abrahama, ngaphambi nje kokuba umlilo wehle. Khumbulani, ibandla alizange libe lisemukela omunye ufakazi, uAbrahama nabo abazange, indodana ethenjisiwe ababeyibhekile yalethwa ngqo emva kwalokho. Nebandla libheke iNdodana ethenjisiweyo, Iyofika ngqo emva kwezinsuku zalenkonzo, Iyokwembulwa emazulwini. Manje, sikubona ngokusobala kakhulu, kufanele kube njalo. Manje, into kuphela ezofanele ibekhona yinto eshaya njengemithambo, ingena kumuntu, uNkulunkulu uyaqinisekisa futhi amtshele futhi ambonise ukuthi leyonto yinto okufanele yenzeke; nokuthi uzo . . .

114 Njengoba kwenza uMose, wayengafuni ukukhulula labobantwana, kodwa uNkulunkulu wakhuluma kuye esihlahleni esivuthayo. Wayengafuni ukuhamba, kodwa wayefanele ahambe. UMose wayezwile ngaYe enguJehova omkhulu. Kodwa ngalesosikhathi wakwazi ukuMbona, Wayesesimweni seNsika yoMlilo. "Ngizwile ngaWe, kodwa manje sengiyaKubona." Yini Abonwe kuyo na? IZwi laKhe liqinisekiswa.

115 UNkulunkulu watshela uAbrahama ukuthi "abantu bakhe babezogogobala ezweni labezizwe iminyaka engamakhulu amane, kodwa Wayezobakhipha ngesandla esinamandla."

116 Futhi, qaphelani, lesisihlahla esivuthayo sanikeza ukuqinisekisa kulokho umprofethi uAbrahama ayethe kuyokwenzeka. UMose wathi, "Ngizwile ngakho, kodwa manje sengiyakubona!"

117 Manje, *sizwile* ukuthi ngezinsuku zokugcina iNdodana yomuntu iyofika phakathi kwabantu baYo futhi Izembule yona uqobo kubantu ngendlela efanayo Eyayenzayo e . . . ngaphambi nje kokubhujiswa kweSodoma. INdodana yomuntu, Yenzani na? Yayizazi izimfihlo eyayisenhliziyweni kaSara. Futhi inika isithembiso kuAbrahama. UAbrahama wayelizwile iPhimbo likaNkulunkulu, ngahle ukuba wayeMbonile ngezindlela eziningi ezehlukene (angazi ukuthi Wakhuluma kanjani kuye, ngamaphupho noma ngeziprofetho), kodwa ngalesisikhathi waMbona. "Ngizwile ngaWe, manje sengiyaKubona."

118 Nebandla lizwile ngoNkulunkulu, bafundile ngaYe, nokuthi Wenzani, nezithembiso Azenzayo, kodwa manje siyaMbona ngamehlo ethu (ngokufanayo nje njengoba kwenza uJobe), "Ngizwile ngaWe, kodwa manje sengiyaKubona." He! Ukwehluka okunje pho.

119 UMose, kulobubucayi, wamemeza kakhulu. Futhi siyathola, kuEksodusi, isahluko 14, ivesi 13 nele 16, uMose kulokho

kusindwa okukhulu lapho enabantwana bakwaIsrayeli, ukuphefumulelwa kufika kuye, futhi washo lokho ayefanele akusho, engazi ukuthi wayekushilo. Niyabo, "Yimani nithule futhi nibone insindiso kaNkulunkulu." UNkulunkulu wayengakakhulumi neze kuye. Niyabo, ukuphefumulelwa kwafika kuye.

120 Bathi, "Wasikhiphelani lapha na? Sasifanele sifele eGibhithe. Kwakuyingoba ayengekho yini amathuna ezansi lapho na? Usikhiphela lapha, futhi usiyekela sife; ngabe sahlala ngokuthula size sife, kodwa wasikhiphela lapha."

121 UMose, umprofethi, azi ukuthi wayenokungena kuNkulunkulu, waphefumulelwa, wayesethi, "Yimani nithule futhi nizobona insindiso kaNkulunkulu; ngokuba abaseGibhithe enibabonayo namuhla, anisophinde nibabone futhi." Wazi kanjani ukuthi kwakuzokwenzeka na? Wazi kanjani na? Wayengazi ukuthi wayekhulumani.

122 Kodwa nje masinya emva kokuba esekukhuluma, uNkulunkulu wamkhombisa ukuthi kwenziwa kanjani, Wathi, "Mose, ungakhali kiMi thatha induku yakho bese uyelulela olwandle, bese utshela abantwana bakwaIsrayeli ukuba ba 'Hambe!'" Amen!

123 Ukuphefumulelwa! Yileyondlela okufika ngayo kuwe uma ugula. Yileyondlela okufika ngayo kuwe uma uhluphekile. Kukhona into eyembuleka kuwe, futhi uyabona ukuthi yembuliwe, ukhuluma kuzwakale, "Ngiphilisiwe!"

124 Bese uNkulunkulu eyakutshela ukuthi yenzani, "Sukuma bese uqala ukuhamba." Amen! Sekuphelile-ke, uma ungakwenza ngaleyondlela. Yileyondlela uNkulunkulu akwenza ngayo, bese-ke ubona uNkulunkulu ebonakaliswa ngawe uqobo.

125 KwakunguNkulunkulu owamtshela ukuba akwenze. Manje, manje-ke, wonke lowo owayekhona, wonke uIsrayeli owayekhona wakubona ukuphefumulelwa okwafika kuMose. Bambona uNkulunkulu, ngeso labo uqobo, washaya lawomanzi abuyela emuva esuka kwelinye icala aya ngakwelinye. NaleyoNsika yoMlilo yabahola bawela ngqo o—olwandle. Wezwa ngoNkulunkulu, base bembona-ke uNkulunkulu.

126 UJoshuwa wayesehoreni elibucayi, ngenkathi izimpi ixoshwa nelanga lase liyoshona. UJoshuwa wayengumprofethi, futhi wayazi ukuthi uma izimpi zike zaba nethuba lokuhlangana futhi zimelane naye, wayezolahlekelwa yindoda amaningi, ngakho ngalelohora elibucayi ngenkathi kufanele kube khona okwenziwayo. . . Kukhona into eyodwa kuphela, uma engabavimbi ekubalekeni, wayezobaxosha, bonke, phansi. Kodwa kwakungekho ukukhanya okwanele ukuba akwenze, ngakho uJoshuwa wama, waphakamisa izandla zakhe wathi, "Langa, yima! Futhi nyanga, lenga phezu kweAjaloni ngize ngiqede ngalempi." Nelanga lama. Bamuzwa uJoshuwa

ekhuluma, base-ke bebona uNkulunkulu (ngamehlo abo uqobo) ngokwenza. Qiniso!

127 Niyabo, kusobala, kwakuyinto engathi iyaziphikisa ukubona into eyayibonakala ingenakwenzeka, nokho iqinisile. Kodwa, "Ilanga lama," kusho iBhayibheli. Angazi ukuthi nina bantu nicabangani, ocabanga ukuthi umhlaba wawuhamba, manje; kodwa, empeleni, "ilanga lama." Mhlawumbe uJoshuwa akazange azame ukukulinganisa ukuthi waye—yezokwenza kanjani, ukuthi uNkulunkulu wayezokwenza kanjani, into kuphela ayishoyo kwakungukuthi, "Langa yima!" Wakusho, mhlawumbe engazi ukuthi wayethini, ngoba kwakunguNkulunkulu omnika khona, futhi Wasebenza.

128 INto efanayo kuMarku 11:23, "Uma uthi kulentaba 'suka,' futhi ungangabazi enhliziyweni yakho, kodwa kholwa ukuthi okushiloyo kuzofezeka, ungaba nakho okushiloyo." Kodwa ungeke wama lapho uphumputha engqondweni yakho futhi ukusho, ufanele uphefumulelwe ukuba ukusho. Amen!

129 Ngiyaxolisa ngesisho; kodwa lolosuku, ngihlezi lapho ehlathini (noNkulunkulu ungumahluleli wami, futhi ngingawa ngifele phezu kwalelipulpiti), lapho lowomBhalo wawungididile yonke impilo yami . . . ngihlezi lapho ngalokho kusa ehlathini, futhi ngangicabanga ngalokho, naleloPhimbo lakhuluma kimi, Wathi, "LowomBhalo ufana nayo yonke imiBhalo, Uyiqiniso."

130 Ngase ngicabanga, "Awu, kungenzeka kanjani na?"

131 Wayesethi, "U . . ." Ngathi . . . Wathi, "Khuluma, futhi kuyoba ngaleyondlela. UngaWungabazi."

132 Futhi ngangikhuluma noMunye umuntu, ngihlezi phandle le ehlathini. Kungekho-zingwejeje, sekuyizinsuku ezintathu ngilapho, akukho-zingwejeje lapho. Futhi ngangihlezi ehlashaneni eliminyene lemithombe. Izingwejeje azizi ngisho . . . noma ubani ozingela izingwejeje, uyazi ukuthi azikho emthombeni. Futhi ngangikade ngihlezi lapho; nomoya uvunguza kanzima ngempela, cishe ngeleshumi nqo ekuseni, futhi ngangicabanga futhi.

133 Futhi Lathi, "Uyazingela, futhi udinga izingwejeje ngokufanayo nje njengoba uAbarahama wayedinga inqama."

134 Ngacabanga, "Lelo njalo lalingitshela iQiniso, kodwa lokhu kuzwakala kuyinqaba." Ngase ngisukuma lapho engangihlezi khona, ngaqalaza, "Uphi lowoMuntu obekhuluma kimi?" Lutho; umoya nje uvunguza kanzima ngempela. Ngase ngicabanga, "Ngabe ngilalile ngase ngiphupha lokho na? Qhabo, bengingalele. Bengihlezi ngencike esihlahleni lapho, ngibhekisisa, bengifanele ngithathe uMfowethu Woods noMfowethu Sothmann emuva lapho, esikhashaneni esincane nje, lapha kweleshumi nqo ekuseni. Abalimi bonke bephumele lapho besebenza, bebutha ummbila wabo."

135 Ngase ngiLizwa futhi, lithi, “Uyazingela, futhi udinga inyamazane. Udinga ezingaki na?”

136 Ngase ngicabanga, “Manje, angifuni ukukwenza ngokweqile lokhu, ngizocela ezintathu nje, izingwejeje ezintathu. Ngifuna esencane, izingwejeje ezintathu ezibomvu. Ngiyazifuna.”

137 Wathi, “Manje-ke khuluma ngakho.”

138 Ngase ngithi, “Ngizothola izingwejeje ezintathu ezibomvu ezisencane.”

139 Wathi, “Zizovela ngaphi na?”

140 “Awu,” ngacabanga, “Ngihambe ngaze ngafika lapha, kukhona Okukhuluma kimi lapha.” Ngokufanayo nje njengoba ningizwa ngikhuluma. NoNkulunkulu eZulwini, naleliBhayibheli phezu kwenhliziyo yami, uyazi ukuthi lokho kuqinisile. Futhi U . . . Ngase ngithi, “Awu, . . .” Ngakhetha indawo ehlekisayo, igatsha elidala elilenga phandle lapho (cishe amayadi angamashumi amahlanu, lapho isibhamu sami sadubula khona).

141 Ngathi, “Eyokuqala izoba khona laphaya,” futhi yayilapho.

142 Ngacikica amehlo ami ngase ngibuka emuva (ngaphendula ikhanda lami), ngase ngicabanga, “angifuni ukudubula umbono.” Ngakho ngaqalaza futhi, futhi nakho kuhlezi ingwejeje. Ngaphosa igobolondo esibhanyini sami, ngaciba, futhi ngangikwazi ukulibona leliso elimnyama, ingwejeje ebomvu esencane. Ngacabanga, “Ngi—ngi . . . mhlawumbe ngilele, ngi—ngizovuka emizuzwini embalwa. Niyabo, ngiphupha ngalokhu.” Awu, ngagwaca, ngayidubula ingwejeje yase iwa egatsheni. Ngacabanga, “Awu, angazi.” Ngacabanga, “Awu, ngingawela ngiyicinge na?” Futhi—futhi ngawelela lapho, futhi yayilele lapho. Ngayicosha futhi ivuza igazi. Umbono awophi, niyazi. Ngakho ngayicosha, futhi kwakuyingwejeje. Ngaba ndikindiki ngempela, yonke indawo.

143 Ngaqalaza, ngathi, “Nkulunkulu, lowo bekunguWe!” Ngathi, “NgiyaKubonga, ngalokhu. Manje ngizophuma futhi . . .”

144 Wathi, “Kodwa *kusho* wena! Uyakungabaza okushilo na? Uthe uzothola ‘ezintathu.’ Manje izovelaphi elandelayo na?”

145 Ngacabanga, “Awu, uma ngiphupha, ngizoqhubeka.”

146 Ngakho ngi—ngithe . . . Ngakhetha isigxobo esidala laphaya, sesihlahla esasithandelwe sonke ngalena lapha intandela enophoyizeni. Awuyitholi neze ingwejeje kulokho. Ngakho ngathi, “Elandelayo izophuma khona kuleyontandela enophoyizeni,” futhi nakho kuhlezi leyongwejeje ebomvu esencane ingibuka ngqo. Ngabeka isibhamu sami phansi, ngase ngicikica amehlo ami. Ngaphenduka futhi, ngacabanga . . . Nanso ihlezi, yaphendulela ikhanda layo nganhlanye. Ngayidubula ingwejeje, ngase ngiqala ukuya ekhaya.

147 Kodwa wathi, "Uthe 'ezintathu'! Uyakungabaza okushiloyo na?"

148 Ngathi, "Qhabo, Nkosi, angikungabazi engikushilo, ngokuba Uyakuqinisa."

LomBhalo owodwa owangididayo: "Hhayi uma *Ngi*thi, kodwa uma *u*thi." Hhayi uma kushiwo wu*Jesu*, kodwa uma *u*kusho wena uqobo.

149 Ngase ngicabanga, "Ngandlela thize ngibhobokele kulowomgudu, futhi ngiyazi ukuthi Yena ulapha ngoba cishe impela angisazazi kwamina." Ngacabanga, "Ngizokwenza lokhu okuhlekisayo, impela impela."

Ngathi, "Kuzoba khona ingwejeje ebomvu eyehla ku*lelo*gquma, yehle ngqo *ngapha,* futhi eduze kwami ngqo, bese iyaphuma, bese ihlala ku*lelo*gatsha, bese ibuka ezansi lapho ku*lowo*mlimi." Nansi iza yehla ngegquma, yaphuma ngqo, yase ihlala, yabuka umlimi. Ngase ngiyidubula.

150 USathane wathi kimi, "Uyazi ukuthini? Ihlathi ligcwele zona nje, manje." Futhi ngahlala lapho kwaze kwashaya eleshumi nambili nqo, futhi ayikho enye into eyenzekayo. Kukhombisa ukuthi uma uNkulunkulu . . . Unguye impela uMdali wamaZulu nomhlaba!

151 Abalalele, eJeffersonville manje, kukhona umndeni othiwa owakwaWright. UMfowethu Woods nami sehla siyobabona. Benzela ibandla iwayini lesidlo. UEdith omncane wayehlezi lapho ekamelweni; intombazane ekhubazekile encane, eyayikade igula yonke impilo yayo, ngakho sasilokhu njalo sibheke kuNkulunkulu ukuba ayiphilise. Udadewabo, umfelokazi, umyeni wakhe wayebulewe; igama lakhe lalinguHattie, owesifazane omncane ozithobe ngempela. Futhi ngenkathi uMfowethu Banks nami siphuma siyomfunela unogwaja, babepheke omkhulu uphaya isheri kobla; futhi bangenza ukuba ngihlale phansi ngidle.

152 Sonke sasihlezi sizungeze itafula, sasikhuluma ngalokhu, kwakwenzeke nje ezinsukwini ezimbalwa ezedlule. Futhi kwathi ngisahlezi ngizungeze itafula, ngikhuluma ngalokhu, khona manjalo ngathi, "Ngabe kwenzekani na?" Ngathi, "Mfowethu Wright, usuyindoda endala, wawuzingela izingwejeje yonke impilo yakho. Mfowethu Shelby, uyingcweti yomzingeli wezingwejeje. Mfowethu Woods, nawe uyiyo. Bengizizingela kusukela ngisengumfanyana. Senake nayibona ingwejeje emthombeni nasehlashaneni lamaqhwagi na?"

153 "Qha, mnumzane."

154 Ngathi, "Nje zazingekho lapho." Ngathi, "Into kuphela engiyaziyo, NguNkulunkulu ofanayo nje. Ngenkathi uAbrahama edinga inqama, Wayengu*Jehova-jire*, Wayekwazi 'ukuzibonela Yena." Ngathi, "Ngikholwa ukuthi yinto efanayo."

155 NoHattie ehlezi emuva lapho, wathi, "Mfowethu Branham, lelo yiQiniso lodwa!"

156 Washo into efanele! Ngenkathi esho lokho, uMoya oNgcwele wathi qathatha kulowomgudu futhi, bonke baWuzwa. Ngasukuma, ngathi, "Dadewethu Hattie, ISHO KANJE INKOSI, usho izwi elifanele njengoba kwasho owesifazane waseSirofenike. UMoya oNgcwele ukhuluma kimi manje, futhi wathi kimi angikunike isifiso senhliziyo yakho." Ngathi, "Manje, uma ngiyinceku kaNkulunkulu, uma kunjalo, kuzokwenzeka. Uma ngingesiyo inceku kaNkulunkulu, khona-ke ngingumqambi-manga, futhi ngeke kwenzeke, ngingumdukisi." Ngathi, "Manje hlola futhi ubone, ukuthi nguMoya kaNkulunkulu noma akusiwyo yini."

157 Wathi, "Mfowethu Branham," (wonke umuntu wayekhala), wathi, "yini engingayicela na?"

158 Ngathi, "Unodade okhubazekile ehlezi lapho."

159 Nganginamadola angamashumi amabili ephaketheni lami, ukuba ngimnike wona, ayewufake emnikelweni. Owesifazane akasenzi isigaxa samadola cishe angamakhulu amabili ngonyaka, kulelo elincane, elidala, iplazi elihlwempu, yena nabafana ababili. Abafana bakhe base bengo 'Ricky,' ngezinsuku zesikole, niyazi, futhi nje beyisa unina; futhi beneshumi nanhlanu, iminyaka eyishumi nesithupha ubudala. Futhi, o, babemi laphaya behleka lokho engangikusho.

160 Ngase ngithi, "Unobaba nomama abahlezi lapha osemdala. Awunamali. Cela imali, futhi ubone ukuthi ayifiki yini ihlale emathangeni akho. Celela udadewenu, futhi ubone ukuthi akasukumi yini ahambe." Ngazi-ke, njengoJobe, kukhona into nje oyaziyo uma ifika kukho. Wathi, "Ngiyazi! Ngimi lapha phambi kwabantu abayishumi," ngathi, "uma lokhu kungenzeki, ngingumprofethi wamanga-ke."

161 Wathi, "Yini engingayicela na?"

162 Ngathi, "Kukuwe ukwenza isinqumo sakho. Ngeke ngenza isinqumo sakho."

163 Waqalaza, owesifazane omncane. Futhi khona manjalo, wathi, "Mfowethu Branham, isifiso esikhulu kunazo zonke enhliziyweni yami ngukusindiswa kwabafana bami ababili."

164 Ngathi, "Ngiyakunika abafana bakho, eGameni likaJesu Kristu." Futhi bona begigitheka, behleka, abafana ababhuqayo bawela emathangeni kamama wabo, base benikela ngempilo yabo kuNkulunkulu, futhi bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele ngaso lesosikhathi.

165 Ngani na? Lelo yiQiniso! UNkulunkulu unegunya lokungibulala, phambi kwalababantu esizweni sonke. Abaningi benu lapha naseJeffersonville, sengiyalizwa iTabernakele linkeneneza manje, "Amen!" ngoba bahlezi khona lapho

bakulalele. Niyabo, ngoba yiQiniso! Kuyini na? Kungenkathi lapho uNkulunkulu, ngomusa waKhe wobukhosi; kuyenzeka! Ngaphandle kwalokho, ngeke kwenzeke.

166 Kulesisikhashana esibucayi . . . Cabanga ngendoda nabantu engejwayelene nabo. UNkulunkulu edlula bonke abantu abadumileyo, nakho konke, ukupha abampofu, owesifazane omdadlana ozithobile, kunzima nokusayina igama lakhe uqobo; futhi Wayazi ukuthi wayezocelani. Futhi leyo kwakuyinto enkulu kunazo zonke; ngokuba udadewabo manje sewashona, nonina noyise uzofa, imali yayizobhubha, kodwa imiphefumulo yomfana wakhe uPhakade! Futhi lelo kwakuyihora kubo ukuba baLibambe. Futhi kwathi nje ngingathi, "Ngiyakunika abafana bakho, eGameni likaJesu Kristu," basho bawa banquma emathangeni kamama wabo. Bangaki phakathi lapha owaziyo ukuthi lokho kuyiQiniso, niyakwazi na? Niyabo, nakho. Yebo. Ngani na? Ukuphefumulelwa!

167 Manje: "Ngizwile ngaWe, ukuthi Wakwazi ukudala izingwejeje; ngizwile ngaWe, ukuthi Wakwazi ukudala inqama; kodwa manje sengiyaKubona, ngamehlo ami uqobo!" Ukubonakalisa, umbono owenziwe wabonakala. Uma uNkulunkulu ethembise noma yini, yilokho Ayokwenza.

168 Qaphelani, uma unesidingo, mhlampe njengoJoshuwa. Wayenesidingo; akazange acabange ngemininingwane, wakukhuluma, futhi kwakunguNkulunkulu! Niyakholwa ukuthi ilanga lama na? Kanjalo nami. Lakwenza kanjani na? Ungazami ukukulinganisa, kodwa lakwenza. UJoshuwa wakwenza, futhi waphakamisa izandla zakhe; ngalesosikhashana esibucayi ayenokungena ngaso kuNkulunkulu, futhi yilokho okwenzekayo. Kwakungaso isikhathi. UMoya kaNkulunkulu ophilayo wawube yisidingo sakho futhi wafuqa phezu kukaJoshuwa ukuba akusho. UNkulunkulu ofanayo wasibona isidingo sika-Abrahama. UNkulunkulu ofanayo wasibona isidingo sokuqinisa lomBhalo kimi, ukuthi *lowo*mBhalo uqinisile, futhi! UNkulunkulu ofanayo wasibona isidingo salabo bafana ababili abamiselwa ngaphambili, futhi kwakuyilowomzuzwana Akufakazisa ngawo futhi waqinisa iZwi laKhe.

169 UMarku oNgc. 14, siyambona owesifazane waMkholwa, wayenesidingo futhi wabona ukuthi Wayenesidingo sokuba izinyawo zaKhe zigezwe, wayedingeka kuphela ukuba aphefumulelwe ukuba angene emnyakazweni. Manje lalelisisani njengoba . . . ngaphambi kokuba sivale. Wayedinga kuphela ukuphefumulelwa ukuze angene emnyakazweni, ngoba wayesevele ezwile ngaYe. Wezwa ukuthi "Uthethelela owesifazane izono zakhe, isifebe. Wayesethi, 'Yimuphi kini ongenasono na? Akaphose itshe lokuqala.'" Wayezwile ngaYe, kodwa manje useMbonile. Waphefumulelwa ukuba aMkhonze. Yileyonto kuphela ofanele ube yiyo.

170 Vumela uMoya oNgcwele akutshele ukuthi "Uyisoni!" Vumela uMoya oNgcwele akutshele ukuthi "Usephutheni!" Vumela uMoya oNgcwele ukuba afakazise kuwe ngemiBhalo ukuthi "Unephutha ngokomBhalo!" Nokuthi . . . ngoba Uzoshukumisa kuphela ngomgudu owodwa oqondile wawo wonke umBhalo kaNkulunkulu, Angeke edlulele ize. Uma ukwenza, Akasoze akusiza ngalutho. Ngoba uMoya oNgcwele ungaLiphefumulela kuwe, kodwa uma umphefumulo ungabuyisene noNkulunkulu, njengoba sedlule kukho ngaleliviki, akusizi ngalutho empeleni. Khumbulani, abamanga abagcotshiweyo bayovela ngezinsuku zokugcina; hhayi oJesu bamanga, okristu bamanga (abagcotshiweyo), futhi bayodukisa nabaKhethiweyo uma kungenzeka.

171 Qaphelani, wayenenkonzo okwakufanele aMenzele yona. Wayezwile ngaYe, manje wayeseMbona ngamehlo akhe uqobo. Wayenenkonzo afanele ayenze, futhi wayengenalutho angalwenza ngayo. Ngakho wagijimela phambili noma kunjalo, ukuba enze inkonzo, uNkulunkulu wanikeza amanzi namathawula ukuba ageze izinyawo zaKhe. Wayezwile ngoNkulunkulu oPhilayo, yonke impilo yakhe, kodwa manje waMbona ngamehlo akhe. Wazi ukuthi kwakunguYe, nokuphefumulelwa kwafika kuye, wayesethi, "*Lesi* yisiThunywa!" Wayedinga inkonzo (ayikho into Ayengamkhonza ngayo), izinyawo zaKhe zazingcolile. Kodwa wagijimela phambili noma kanjani, ukuMenzela inkonzo, ngoba wayephefumulelwe ukukwenza.

172 O lunga lebandla elihlubukile, silisa sehlelo noma sifazane, anisiboni isidingo sikaJesu anaso kulobubusuku na? Uma ukuphefumulelwa kuphela kungashaya kuwe, leli yihora lokukwenza. Kodwa waMbona ngamehlo akhe. Abanye lapho babeMbhinqa ngisho. Abawukholwanga uMlayezo waKhe. Qiniso, isixuku esikhulu, isixuku esikhulu somelusi, uSimoni omdala, wayeMehlisele lapho ukuba enze ihlaya ngaYe. Babengakholwa ukuthi Wayengumprofethi.

173 Ngakho manje-ke ngenkathi kubonakala sengathi uDeveli wayekusebenze kahle nje kuye ukuba asho lokhu, wazisholo yena, "Uma lomuntu ebengumprofethi, ubezokwazi ukuthi hlobo luni lowesifazane obelusezinyaweni zakhe. Uma ebengumprofethi!" Niyabo, kwakungembuliwe ngisho nakuye ukuthi Wayengubani. Kwakungeke kubekhona ukuphefumulelwa okushaya kuye, ngoba akukho lutho lapho lokushaya khona. Kodwa kwashaya kuye owesifazane!

174 Amehlo akhe ayebone le ngaphambili kokugxeka. Wakholwa ukuthi wayenguye, niyabo, iZwi labaprofethi! Wakholwa ukuthi Lelo laliyiwo onke amaZwi abaprofethi, laqinisekiswa kuYe. Wayezwile ukuthi wayesemhlabeni, kodwa manje useyaMbona. Bhekisisani ukuthi wayenzeni. Walibona iZwi lenziwa inyama, uMesiya, uEmanuweli. Ngenkathi eveza

obala ukushaya komthambo wakhe wokukholwa (kwesambulo sokuthi WayenguBani, ngesikhathi ayephila kuso, ukuthi WayeyiWundlu likaNkulunkulu lezoni ezinjalo njengoba wayenjalo), waphuma ukuyokhonza izidingo zaKhe ngaphandle kokwazi ukuthi wayezokwenza kanjani.

175 Yileyondlela ukuphiliswa kwangokoqobo okufika ngayo, uma kwembulwa kuwe ukuthi "Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zenu, yachotshozwa ngenxa yobubi benu, nangemivimbo yaYo *wa*philiswa." Uma kuphefumulelwe kuwe ukubona uBukhona baKhe lapha, bukaMarku oNgc. 11 . . . noma uLuka oNgc. 17:30, ukuthi Uzozembula ngezinsuku zokugcina (phakathi kwabantu baKhe, enyameni yomuntu) njengoba Enza ngaphambi kweSodoma. Uma ukubona lokho, nento ethize ishaye kuwe!

176 Udokotela angahle athi, "Umdlavuza usekhona lapho."

177 Isiguli singahle sithi, "A—a—a—a—a—angazi ukuthi ngizohamba kanjani, kodwa ngizohamba noma kanjani." Asazi ukuthi kuzokwenza kanjani.

178 Waqonda phambili ukuyoMkhonza, ngoba ukuphefumulelwa kwashaya kuYe . . . kwashaya kuye owesifazane, ukuthi lelo kwakuyihora, leso kwakuyisiThunywa, lowo kwakunguMesiya owayezophilisa, futhi waKukholwa. Futhi Wayedinga inkonzo ukuba yenziwe kuYe, futhi waqhubekela phambili kungekho lutho olumkhombisayo ukuthi wayengakwenza. Wavele nje wahamba phezu kokuphefumulelwa kwakhe. Bhekisisani! UNkulunkulu wabhoboza imithombo yezindlala zezinyembezi emehlweni akhe. Amehlo afanayo ayezwe . . . izindlebe ezaziMzwile; amehlo aLibonayo, aqhumuka injabulo. Kwase kuthi omunye, izinwele ezinde eziphiwe nguNkulunkulu, nalezozinyembezi zehla zigobhoza. UNkulunkulu wamnika amathawula (ngezinwele zakhe), nangezinyembezi zakhe. Wazikhonza izidingo zaKhe, isidingo sikaNkulunkulu oPhilayo. Wayezwile ngaLo, kodwa manje uMbonile, wakwazi ukuMenzela inkonzo.

179 O soni! Awenzi ngani kanjalo nawe njengoba ubona izidingo manje na? Ukuthi Uyakudinga, inkonzo yakho! Manje uyambona Lowo, Owake wezwa ngaye eBhayibhelini. SiMbonile izolo ebusuku engena lapha, nokuthi Wenzeni. SiyaMbona, umhlangano nomhlangano, futhi ngezinye izikhathi sihlala nje sibande futhi siyekethise, sithi, "Yebo, ngiyazi umBhalo uyakusho. O, ngi—ngikubonile kwenziwa, niyabo." Asinamdlandla, akubonakali kushaya kahle kithi. Lapho akubonakali kungokuthize, njengokuthi uma ubuthela . . .

180 Ukuthatha umentshisi uwokhele, uma umentshisi ungenaso isibabule ekhanda lomentshisi, ngeke wokheleka. Futhi ungaklwebha uklwebhe uklwebhe, kodwa uma esinye isithako sibulale isibabule phezulu lapho, ungeke wokheleke, ngeke

kubekhona ukukhanya. Kodwa uma lesosithaki, isibabule ukuba sokheleke ensimbini sizo. . .sisekhona lapho uma sokheleka, sizolayitha.

181 Futhi uma okweqiniso, ukuqinisekiswa kwangokoqobo kwemiBhalo yaloMlayezo wezinsuku zokugcina, futhi niyabubona uBukhona bukaJesu Kristu, obuzwile ukuthi Wenzeni empilweni yaKhe, nokuzwa imiBhalo ithi "Nguyena izolo, namuhla naphakade"; futhi ngaphambi nje kokuba isimo saseGomora silayidwe ngomlilo ngolaka lukaNkulunkulu, sibona uJesu ebuyela phakathi kwabantu baKhe, ebunjiwe enyameni yomuntu, futhi enza into efanayo naYenzile. He! Kufanele kokhele imiphefumulo yethu iye eNkazimulweni! Bekufanele kwenze into ethize kithi. Ngani na? Kuqathakela kulokho.

182 Nizwile eBhayibhelini Akwenzayo, ukuthi owesifazane wayithinta kanjani ingubo yakhe. Waphenduka wase emtshela ukuthi kwakuyini inkathazo yakhe, nokukholwa kwakhe kwamsindisa. Manje, Wethembisa ukuthi Uyokwenza leyonto efanayo futhi, ngaphambi nje kokuba izwe lishiswe, nezwe lalizoba sesimweni seSodoma. ITestamente eLisha, umProfethi, uNkulunkulu-mProfethi, umProfethi wabaprofethi, uNkulunkulu wabo bonke abaprofethi, ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba, uNkulunkuluwo. . . wabonakaliswa enyameni, uMdali, kaGenesisi. Haleluya! YiZwi laKhe! Wathi kuyokwenzeka! Futhi sibona isimo saseSodoma, sibona izwe likulesosimo, manje siMbona ehla futhi enza khona impela Athi Wayezokwenza. Manje, sizwile ngaYe, manje sesiyaMbona! "Ngizwile ngaWe ngezindlebe zami, manje sengiKubona ngamehlo ami." Amen! "NgiMbona ngamehlo ami uqobo." Kufanele kube yihora elinjani pho! Kufanele kube isikhathi esinjani pho! Ukuqiniswa kweZwi laKhe! Njalo uma iZwi liqiniswa, lowo nguNkulunkulu ekhuluma eZwini laKhe, Ezenza yena uqobo abonakale ukuze nikwazi ukubona.

183 Manje, nasi isifebe esidadlana sisemgwaqeni, siwela ealtare, phambi kukaJesu, futhi sageza izinyawo zaKhe nge—ngezinyembezi, sase—sasesizesula ngezinwele zaso. UNkulunkulu wahlonipha, Wathi, "Nomaphi lapho leliVangeli elishunyayelwa khona, lokhu makukhulunywe kube yisikhumbuzo kuso." Ngani na? Bukani ukuthi sasingcole kanjani, kodwa kukhona into eyashayayo. Salibona iZwi lesithembiso, saseNsimini yase-Edene, lona, "iNzalo yowesifazane iyochoboza ikhanda lenyoka." SaMbona uMesiya owayekade ezelwe yintombi.

184 Sezwa ukuthi Wayezozalwa yintombi, kodwa bezwa ukuthi lowomuntu wayesesemhlabeni. Sezwa ukuthi kwakukhona urabi osemncane, umProfethi, owayephilisa abagulayo. Sakukholwa lokho! Futhi nasi sehla ngomgwaqo, sihambahamba, siqalaza. Futhi salunguza laphaya futhi

salibona lelodili elikhulu liqhubeka. Sashuma othangweni, futhi salunguza, futhi nango Wayelapho. Nango Wayelapho! Into ethize yathi, "NguYe lowo!" Niyabo, yilokho kuphela esasikudinga ukuba siphefumulelwe. Niyabona ukuthi kwenzekani na? Sabona iZwi likaNkulunkulu lenziwa inyama. Sasizwile ngendlebe yaso, manje sabona ngamehlo aso.

185 Manje, wonke umuntu uyazi ukuthi sinesithembiso sesimo sebandla, ngosuku lokugcina. Ibandla, esimweni salo samanje, ngeke neze lagcwalisa imiyalo kaNkulunkulu, umyalo omkhulu, ngeke wabizela uMlobokazi ngaphandle. Yimuphi owawungakwenza na? OwePentekoste na? Ngifanele ngithi qha. Akukho namunye wabo. Lelo yikhoba elikukolo. Eliphumayo, lalibukeka lifana nse nokolo, kodwa kwakungekho-kolo kulo. Liyavuleka, kodwa uhlamvu luphuma kulokho. Bayahlela, bayazibulala. Bafa lapho-ke. Bayizinhlanga. Kodwa ukolo wenyukile wedlula lapho, futhi manje uqala ukubumbeka esimweni soMlobokazi. Uhlamvu lukakolo olwawela emhlabathini ezikhathini zobumnyama, kwakufanele lufe.

186 Lowomgxeki uthi, "Wayengakwenza kanjani uNkulunkulu wesihawu, avule uLwandle oluBomvu, ame ayekele amaKristu ampofu adliwe amabhubesi, futhi ashiswe, nakho konke na? Wama, sengathi nje Wayehleka ngakho!" Sidomundini! Wayengazi yini, "Uma uhlamvu lukakolo lungaweli emhlabathini"? Lwalufanele lufe ngalezozikhathi zobumnyama, njenganoma yiluphi uhlamvu lukakolo lufanele lungene phansi kwenhlabathi futhi lumbelwe, ukuba luveze enguqukweni yokuqala lawomadlebe amabili kaLuther, uhlanga. Lwalufanele luvele koWesley, ngaphandle ngaleya, ukuveza impova, izintshakaza, unyaka omkhulu wokuba yisithunywa senkolo. Lwalufanele luvele kwiPentecostal, ekubuyiselweni kweziphiwo, sekucishe impela kudukise abaKhethiweyo impela. Kubukeka kufana nohlamvu lukakolo; luvule, akukho-kolo lapho nhlobo, yikhoba kuphela. Kodwa emuva lapho, manje-ke, baqala ukubumba inhlangano kamunye, inhlangano kamthathu emunye, inhlangano kambili, nenhlangano yechurch of God, nawo onke ahleliwe, futhi nokufa nje ncamashi! Futhi manje kwenzekani na? Kodwa wumfukameli kakolo, ubulokhu ukhula kulo ngaso sonke isikhathi.

187 Manje uqala ukumonyuka, ukolo uqala ukubonwa. Lona akusiwo unyaka wePentekoste, lona ngunyaka wosuku lwaMuva. Lona nguNyaka woMlobokazi. Lokhu ngukuKhanya kwakuSihlwa. Lokhu kungenkathi lapho uMalaki 4 efanele agcwaliseke, ukulandela iphethini kaNkulukulu. Lokhu kulapho uLuka 17:30, ukuba agcwaliseke, lena ngeyesibili... NoJeremiya, nayo yonke eminye, uJoweli akhulume ngalezizinsuku, *lolu* yilolosuku. "Ngizwile, Nkosi, futhi Beluza, kodwa manje ngiyaLubona ngeso lami."

188 Nakuba abaningi . . . ukuthi bangaki abalingisi bamanga abavelayo, oJane noJambre nawo onke amaqhinga abo ukwenza konke okwenziwa nguMose, akuzange kumnyakazise noma uAroni nhlobo. Babazi lapho . . . njengoJobe, babazi ukuthi ukuphefumulelwa kwabo kuvela kuBani. Babazi ukuthi Kwakungu ISHO KANJE INKOSI! NeBhayibheli elifanayo lakhuluma ngabo, lathi, "Bayofika ngezinsuku zokugcina, abalingisi." Lawomahlelo ezenkolo, lapho kuqala into ethize . . . Ubani owaqala kuqala na? UMose noma yibo! Uma babeqale kuqala, uMose wayeyoba ngu—ngumlingisi.

189 Manje sinazo zonke izinhlobo zokubona okufihlakele nakho konke okunye okuzama ukuphosa umqondo wakho kuwususe entweni yangokoqobo kaNkulunkulu, uNkulunkulu afakazise ukuthi iyiQiniso ngomBhalo waKhe. "Sizwile ngaWo ngezindlebe zethu, manje siWubona ngeso lethu." Amen! NiyaWukholwa! [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Yonke inhliziyo yethu! Ukuphefumulelwa! Nangalolosuku lapho iNdodana yomuntu yembulwa khona, iNdodana yomuntu, uJesu Kristu wabonakaliswa phakathi kwabantu baKhe.

190 Umuntu wehlela lapho phambi kuka-Abrahama neqembu lakhe, umuntu obukeka ejwayelekile nje, nothuli ezingutsheni zakhe. Wayefulathele ithende, Wathi, "Uphi umkakho uSara na?" (hhayi uS-a-r-a-y-i, S-a-r-a; A-b-r-a-h-a-m-a, hhayi Ab-r-a-m-a). Wambiza ngegama lakhe, wathi "Uphi na?"

191 Wathi, "Usethendeni, emva kwaKho."

192 Wathi, "Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila" (futhi wahlekela ngaphakathi kwakhe) Wathi, "Uhlekeleni na?" (ehhe). Manje, Wethembisa. Labobantu kwakuyibo ababebheke indodana ethenjisiweyo.

193 Manje, anginandaba ukuthi abantu benza kakhulu kangakanani kulamahlelo, bathi ba "bheke uKristu," izenzo zabo zifakazisa ukuthi abanjalo. Kunjalo. Izenzo zakho zikhuluma kakhulu kunamazwi akho. Konke abacabanga ngakho ngukwenza amalunga ehlelo, kodwa bakhona abanye abantu, oyedwa *lapha* na *laphaya*, obheke ukufika kweNkosi. Babhekisise . . . nokho. Yilabo kuphela Ayozembula Yena uqobo kubo, yilabo kuphela abayoqonda.

194 NgabaKhethiweyo nje abaqonda ukuthi WayeNgubani. Cabangani nje, kukhona cishe abantu abayizigidi ezintathu, amaJuda, emhlabeni, kwakungekho nokukodwa kokuthathu kwabo abake bazi ukuthi Wayelapho Wayeseze wafika waze wahamba. Niyabo? Kodwa Wazembula Yena uqobo kulabo ababelindile: UJohane umBhaphathizi, na—nabaphostoli ababekade bebizwe nguJohane, kanjalonjalo, noAna oyimpumputhe ethempelini, uSimiyoni umpristi ukuthi "kwakwembuliwe kuye ngoMoya oNgcwele ukuthi wayezobona

uKristu." Bonke labobaholi bezenkolo abakhulu, osiyazi bezenkolo nezinto, babephuphutheke ngci!

195 Kuphela imvula ingavusa imbewu, uma imbewu isivele ilapho. Futhi njengoba wawuyimbewana kuqala kuyihlo, futhi wayengakwazi, nokho wawukuyihlo. Kodwa ngendawo yokukhulela kanyoko, wenziwa wabonakala ngomfanekiso wakhe uyihlo, manje-ke wayesekwazi ukuthi akhulume nawe. UNkulunkulu, uNkulunkulu omkhulu; uma unokuPhila okuPhakade, khona-ke imbewana yokuPhila okuPhakade yayikuNkulunkulu ekuqaleni. Futhi wawulapho, wawusekucabangeni kwaKhe, igama lakho nakho konke. Futhi Yena, ngokwazi phambili, wakumisela ukuba ukubone Lokhu. Futhi wena ongakumiselwanga, awusoze wakubona. Kodwa, khumbulani, eGameni leNkosi uJesu, "Ihora selilapha!" NizoMkholwa na? Nikelani izimpilo zenu kuYe. Ngifanele ngiyeke, sekusemva kwelesishiyagalolunye.

Asikhothamise amakhanda ethu.

196 "Ngizwile, Nkosi, ngaWe, manje sengiyaKubona!" Nkosi Jesu, busisa lababantu njengoba belinda.

197 Manje ngizonibuza umbuzo. Ngizodedela uMoya oNgcwele (ngethemba ukuthi Uzokwenza) ahlolisise imiqondo yenu, anivivinye, avivinye umphefumulo wenu, futhi abone ukuthi ngabe nikholwa ngempela yini. Futhi uma uthola ukuthi kunokungabaza okuncanyana lapho, ungasiphakamisa isandla sakho na? Uthi, "Nkosi Jesu, mangiKubone. Ngizwile ngaWe, kodwa angikaze ngempela ngiKubone. MangiKubone, ngizokholwa." Kulungile. Kuhle lokho.

198 Bakhona abanye lapha ongaMazi njengoMsindisi wakho na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Uma . . . Ngi—ngiyisoni, kodwa uma ngi . . . uma U—uma Uzongivumela nje ngiKubone, Nkosi Jesu, bonakalisa leliZwi abakhuluma ngalo. Ngiyazi ukuthi uJobe uKubone kanjalo. Ngiyazi ukuthi uAbrahama waKubona kanjalo. Ngiyazi ukuthi bonke abanye baKubona kanjalo, ngoba kwakuyiZwi laKho elithenjisiweyo liqinisekiswa. Ngizizwile zonke izinhlobo zezinto, namaqhinga, nakho konke, kodwa ngiyaqonda ukuthi kukhona uMlayezo wosuku lokugcina ezweni, owakhulunywa yiNgelosi emfuleni, ngo 1933. Ngizwile ngezinkonzo zokuphiliswa eziqhubekayo, futhi ngiyazi uma lokho kwenzeka, ungeke wahlala kulesosisele esidala esifanayo sehlelo." Awuthunyelwanga lokho, awuzange uhlale lapho. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ? . . .

199 Ukuba-ke uMose wayefike, wathi, "Asakhe umkhumbi njengoba kwenza uNowa, sintante siphume eGibhithe sehle ngomfula"? O, qhabo. Niyabo? Qhabo! WayenoMlayezo ovela kuNkulunkulu, wayengukubonakaliswa. Lowomprofethi evela enkundleni, wayefanele afakazise kuIsrayeli khona lapho. Kwase kuyiminyaka engamakhulu amane bengenaye

umprofethi, babekade bengenaye umprofethi, futhi nangu umprofethi evela enkundleni. Babefanele bazi ukuthi kwakukhona into ethize eyayizokwenzeka.

200 UIsrayeli futhi kwase kuyiminyaka engamakhulu engenaye umprofethi, futhi nakhu kufika uJesu enkundleni. Nowesifazane emthonjeni, wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Manje, besingenaye iminyaka engamakhulu amane." Ngoba, Wayazi ukuthi kwakukhonani enhliziyweni yakhe. Niyabo?

201 Manje, sethenjiswa unyaka webandla ngabaguquki, futhi sibe nabo. Kodwa Wethembisa, kuMalaki 4, Wayezoyigcina iphethini yaKhe ngezinsuku zokugcina, ukuthi kwakuzokwenzekani, "Ukuphendula izinhliziyo zabantwana zibuyele ekuKholweni kukababa wepentekoste." Ngayo leyonhloso impela! Nebandla libhidlikele kakhulu emahlelweni nezimfundiso ezigqamile, kudabuke kwaba yizicucu sekuze kwafa; bekungumthwali. Futhi manje-ke Wethembisa, ngehora loMlayezo wengelosi yesikhombisa, iziMpawu eziyisiKhombisa ziyokwembulwa: nezimfihlakalo zikaNkulunkulu ziyomenyezelwa (iSambulo 10) lapho ingelosi yesikhombisa iqala ukuzwakalisa uMlayezo wayo, hhayi inkonzo yokuphilisa, uMlayezo olandela inkonzo yokuphilisa.

202 UJesu wayengu "mfo omkhulu" inqobo nje uma Wayephilisa abagulayo. Kodwa Wathi uma, "Mina nobaba waMi siMunye,"

203 "Hhe-e! Kwakuyiphutha lelo!"

204 UJobe waye "mkhulu," kwaze kwenzeka okuthize kuye. Niyabo? Kuhlala njalo kungaleyondlela.

205 Kholwani! NizoMemukela manje na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "NgiyaMkholwa. Ngifuna ukuMemukela." UNkulunkulu anibusise. UNkulunkulu anibusise. Kuhle lokho.

Manje hlalani nithule ngempela futhi nikhuleke umzuzwana nje.

206 Nkulunkulu othandekayo, kulomzuzwana ozothile, kuzoba yisikhathi esifana nalesi lapho okuzoba khona ngempela ukuduma kwezulu ngolunye usuku, neNdodana kaNkulunkulu iyokwehla ivela emazulwini ngezwi lenhlokomo, ngephimbo leNgelosi enkulu, necilongo likaNkulunkulu, abafile kuKristu bayovuka. Futhi ngamunye wethu uyazi, futhi sinokuqonda kulobubusuku, Baba, ukuthi sizodingeka siphendule ngawo onke amazwi esiwanikezayo, nawo onke amazwi esiwashoyo. Ngisho nemicabangao osezinhliziyweni zethu, sizophendula ngawo. Ngiyakhuleka kuWe, Nkulunkulu, eGameni likaJesu, ukuthi Uzohlanza yonke inhliziyo ephakathi lapha. Hlanza inhliziyo yami, hlanza izinhliziyo zalababantu. Futhi kwangathi singalungela, Nkosi, futhi kwangathi amehlo ethu kamoya angavuleka kulobubusuku ukuba abone iNkazimulo kaNkulunkulu uSomandla. Sizwile ngaYe, O,

Baba, Nkulunkulu, sikhulekela ukuthi Uzosivumela siMbone. Siphe khona, Baba. Siphe lezizibusiso, ngiyakhuleka, ngeGama likaJesu Kristu. Amen.

207 Khumbulani: Enhliziyweni yakho, lapho ohlezi khona, yenza ialtare lakho elincane. Uthi, "Nkosi Jesu, ngena enhliziyweni yami manje. Nginike into ezo. . . into engingabambelela kuyo. Mangikuzwe lokho kuphefumulelwa okungitshela ukuthi U 'khona.'"

208 Manje, inkulumo-mbiko enje pho ukuyenza kubantu! I—into enje pho ukuyenza! Manje ngizocela iNkosi uNkulunkulu, ngicele. . .

209 Bangaki kini abathatha iteyipu? Nezwa ngethi: *Sikhathi sini, Banumzane na?* Ngabe sawakhombisa lawomaphephabhuku nezinto, kusasele unyaka ngaphambi kokuba kwenzeke na? Isayense ididekile kukho. Nanso iNkosi uJesu yayethweswe umqhele efake naleyowigi emhlophe njengoba nibona eBhayibhelini, eSambulweni 1, noDanyeli, uMahluleli oMkhulu waseZulwini nasemhlabeni. Khona lapho, lapho isayense ingeke ngisho iKubone qobo lwabo. Nasekupopoleni izinto ezisezulwini, phandle lapho eUnivesithi yaseArizona nasezansi kwedlule eMexico, bayacwaninga, sekwedlule iminyaka emibili. Futhi lapho natshelwa khona, kwaku "zokwenzeka," ngaphambili.

210 Kuthiwani ngokuzamazama komhlaba kwase Alaska na? Bhekisisani iHollywood iwela olwandle! Bhekisisani futhi nibone ukuthi ayiweli yini. Akakaze angitshele noma yini eyiphutha, kuzokwenzeka. Niyabo? Futhi nje bhekisisani futhi nibone ukuthi asiphili khona yini emahoreni okuvalwa komlando. Akukho-muntu owaziyo ukuthi hora lini Azofika ngalo. Kodwa ngazi into eyodwa: ngiyakholwa, esimweni sami samanje, uma ngikahle emqondweni wami, futhi ukuba bengingesuye umKristu, impela bengiyofuna ukuba ngumKristu weBhayibheli ngempela, hhayi wehlelo. Ungethembeli ekutheni ngoba umemezile. Sikuzwile lokho kulokhu ukusa, sakufakazisa ngeZwi likaNkulunkulu; kuphume kwaphela entandweni kaNkulunkulu, akwenzanga lutho kodwa kubange ukufa. Ungabi sohlangeni, yiba sekuPhileni. Niyabo? Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

211 Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu owenza lesisithembiso, owabonakala Yena uqobo lwakhe, eNcwadini kaGenesisi, futhi wabonakala kuAbrahama futhi wenza isimangaliso. . . LowoNkulunkulu ofanayo wenziwa inyama, inyama yomuntu, wazalwa yintombi. Lowo kwakungumzimba-moya lapho, kusobala, kodwa-ke lapho Efika enyameni yomuntu futhi wayengumuntu ofanayo, futhi enza into efanayo, . . . Anikholwa yini ukuthi uma uNkulunkulu ubengathola umuntu, Athembisa ukukwenza, ngokukaMalaki 4, umgudu Abengakhuluma

ngawo, Uyokwenza into efanayo Wathi Wayezokwenza lapho? Niyakukholwa lokho na? Ngikholwa ukuthi Ubezokwenza, futhi.

212 Niyakholwa ukuthi beningaba nokukholwa kokuthinta ingubo yaKhe, ukukholwa kwaKhe kokuthinta ingubo na? Niyakholwa ngokwamanje ukuthi kukhona into ekhuluma enhliziyweni yakho ezokutshela ukuthi unokukholwa kokuthinta ingubo yaKhe na? Uyakholwa ukuthi ubungakwenza lokho na? Yeluleka bese uthinta ngokukholwa kwakho-ke, hhayi ngamadlingozi, ngobumhlophe bangokoqobo nje, ukukholwa okumsulwa. Thana nje, "Nkosi, ngiyakholwa. Ngiyakholwa ngenhliziyo yami yonke. Ngifuna Ungithinte, ngoba ngi—ngiKuzwile ukwenza, manje ngifuna ukukubona ngamehlo ami uqobo." Niyabo?

213 Manje, ngeke nganithinta, kuthatha uNkulunkulu ukwenza ukuthinta. Niyakholwa ukuthi Uzokwenza na?

214 Ngibuka ngqo ngakwesokunxele sami lapha. Kubonakala sengathi kukhona umgudu, uhlobo, njengoba ngikhulumile, udonsela ngapho. Ebengiwuqondise ngapho, manje ungena ngokumangalisayo. Yinenekazi elihlezi lapho nomyeni walo. Alisilo elalapha. ElaseTexas, eDallas. Liyagula, nomyeni walo uyagula futhi. Liphethwe yizifo ezelakanyanayo, ubenokuhlinzwa. Kunjalo. Umyeni walo uphethwe yinto ethize eqolo lakhe, ukuphathwa yiqolo. UMnu. noNkk. Corbet, waseTexas; eDallas, eTexas. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Ngiyisihambi kuwe. Kunjalo na? Akukho-ndlela kimi ukuba ngikwazi lokho. Kuyini na? "NgiKuzwile ngendlebe, manje ngiyaKubona." Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Manje ngibuza lezozithandani. Angikaze ngibabone empilweni yami. "NgiKuzwile ngendlebe, manje sengiyaKubona ngeso lami."

215 Uma ningakholwa, uNkulunkulu anganinika enikudingayo.

216 Leyondoda ehlezi lapho nesandla sayo siphakeme sisesilevini sayo, inalesosifo senhliziyo ibhiphi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, mnumzane na? Uyakholwa? Uhlezi nesandla sakho sika *nje*, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa kulesosifo senhliziyo ibhiphi na? Phakamisa isandla sakho, uma uLikholwa. Kulungile, Uyakwenza. Angikaze ngiyibone indoda empilweni yami, angazi lutho ngayo. Kodwa uzwile ukuthi uJesu washo, lapha eBhayibhelini, ukuthi Uyozenza lezizinto, manje uyakubona! Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? "Uma ukholwa, konke kungenzeka." Kuphela kulabo abakholwayo! Kuthatha okwangempela, ukukholwa kwangoqobo ukukwenza. Kodwa uma ungaLikholwa, UNkulunkulu uzokunika.

217 Kukhona inenekazi elihlezi ngemuva khona lapho, elingibukayo, linesifo sokuvuvuka komphimbo emphinjeni walo.

218 Inenekazi elihlezi eceleni, elihlezi eceleni kwalo, ukuthi lizoqonda, lelonenekazi lapho linesifo senhliziyo ibhiphi, nalo. Kunjalo.

219 Inenekazi eliseceleni kwalo, line—nenkathazo, nalo. Futhi alisilo elalapha, elaseArkansas. Abakutholi. Nkosikazi Phillips, kholwa yiNkosi uJesu Kristu futhi uphiliswe! UyaMkholwa na? Ngenhliziyo yakho yonke na? UyaLemukela na? Kunjalo. Khona-ke ungaba nakho.

Manje wena uthi, "Lokho kuyimfihlakalo." Qhabo! Qhabo!

220 UJesu wathi, "Igama lakho nguSimoni, uyindodana kaJonas." Kunjalo na?

221 "NgiKuzwile ngendlebe yami, manje sengiyaKubona ngeso lami." Manje aniboni ukuthi kwenzekeni na? Omunye ohlezi lapho, ebuka, ekholwa, ethemba, futhi khonamanjalo kwenzeka lapho. Niyabo?

222 Uzizwa ungcono, ndodana, kulobubusuku, kunoma wenzile izolo ebusuku? Uhlezi phansi? Sekulungile manje, uzosinda (ehhe). Ihlezi lapha izolo ebusuku, ingqubuzeka ngekhanda nakho konke okunye; manje, kulobubusuku, ibukeka ingumnumzane ohloniphekile. Niyabo? Ibithe ukudideka kancane ngezinto, kodwa manje sekuqondiswa konke. Niyabo? Kuzolunga konke. Niyabo? "Futhi ngalolosuku, iNdodana yomuntu iyembulwa, niyabo, ngaphambi nje kokuba iSodoma lishiswe."

223 "NgiKuzwile ngendlebe yami, manje ngiyaKubona ngeso lami. Ngamuzwa uJesu Kristu ethi Wakwethembisa lokho, ngiyasibona lesosithembiso siphila khona manje." Niyabo? "NgiKuzwile ngendlebe yami, manje ngiyaMbona ngeso lami." Bangaki okholwa ukuthi Lokho nguYe na? (O Nkulunkulu!)

224 Manje, siselapha,. . .isikhathi siyabaleka. Kusasa ebusuku sizoba nenkulu inkonzo yokuphilisa. Sibheke uMfowethu Moore nami ukuba sime lapha futhi sikhulekele wonke umuntu ofuna ukuza emgqeni womkhuleko. Kodwa ngicabange ngokukhuluma lokhu kulobubusuku, bengizokwenza nje ukubizela ealtare. Kodwa-ke ngase ngicabanga, "qha," Kuthe laphaya, "NgiKuzwile ngendlebe, manje ngifuna ukuKubona ngeso lami." Manje Ulapha. Niyakukholwa lokho na?

225 Manje asibeke izandla zethu phezu komunye nomunye. Manje, khumbulani, yena Lowo owethembisa ukuthi Uyokwenza *lokhu*, wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Ngabe WaKusho na? Ngabe uyikholwa na? Thana, "Amen." Awu, manje-ke, uNkulunkulu ofanayo owenza *lesi* isithembiso eniMbona esenza njengamanje,. . .

Buza kulabobantu, angikaze ngibabone, angazi lutho ngabo. Ngeke ngabazi khona manje, niyabo, akunakwenzeka kimi ukuba ngibazi. Kodwa lowomBhalo ufanele ugcwaliseke! Awu, uma lokho kugcwaliseka, kukhombisa ukuthi sisezikhathini okugcinwa ngazo, sizokwazi ukuthi iNdodana yomuntu isilungele uku. . . ukuza, ngoba Izembula Yona uqobo enyameni yomuntu. Ngabe kunjalo na?

226 Manje-ke siyazi ukuthi kuqinisile, futhi uthi uyikholwa kuYe, futhi ubeke izandla zakho phezu komunye nomunye. Futhi uma izandla zakho zibekwe phezu komunye nomunye, leyoNdodana kaNkulunkulu efanayo elapha ukwenza *lokhu* kube yiqiniso emehlweni akho, iNdodana efanayo ilapha ukuba ithi, "Bayosinda!" INdodana kaNkulunkulu efanayo! "Ngizwile ukuthi Yathi, 'Uma amakholwa ebeka izandla zawo, bayosinda.' Ngikuzwe ngezindlebe zami, manje mangikubone ngamehlo ami. Yethembisa ukukwenza."

Manje ngisakhuleka, khulekani:

227 Nkosi Jesu, eGameni leNkosi uNkulunkulu waseZulwini, uMoya waKho mawuqathakele enhliziyweni yalababantu; lokho kukholwa kwangoqobo kukaNkulunkulu, okuzoqinisa lesisethembiso kubo. Futhi kwangathi uNkulunkulu waseZulwini angabaphilisa bonke, lapho bethobela imiyalo yaKho ngokubeka izandla phezu kwalowo nalowo. Makube njalo, Nkosi. EGameni likaJesu Kristu, yipha ukuthi kuzoba njalo, ngenxa yenkazimulo yaKho.

228 Manje, niyakholwa ukuthi ninakho enikucelile na? Ngabe into ethize enhliziyweni yenu iyanitshela na? Niyalizwa lelochashazi lokuphefumulelwa, okuthe, "Ngani, sekuphelile! Sekwenziwe!"?

229 Umyalo kaNkulunkulu washo ukuthi sasingakuzwa ngendlebe yethu, manje sesiyakubona ngamehlo ethu. UJobe wathi, "NgiKuzwile ngokuzwa kwendlebe, kepha manje ngiyaKubona ngamehlo ami."

230 Manje, nikuzwile ngeZwi, ngokuzwa kweZwi, "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi." Manje niyaLibona lisebenza, ngamehlo enu! Manje, lowoNkulunkulu ofanayo owasho lokho, ukuthi kunini lapho lezizinto yayizokwenzeka khona, ukuthi "amakholwa kuLeli ayobeka izandla zawo phezu kwabagulayo futhi bayosinda." Manje ngabe kuqathakele enhliziyweni yenu ukuthi ni "philisiwe"? Phakamisani izandla zenu uma kuqathakele. Amen! Lokho ngukuphilisa kobuphostoli ngempela. Niqinisile na? NiyaLikholwa ngenhliziyo yenu yonke na? Haleluya! Yilokho kuphela enikudingayo.

Asime ngezinyawo zethu futhi siMnike udumo, ke.

231 NgiyaKubonga, Nkosi Jesu. Malibongwe iGama leNkosi.

NgoMdumisa! NgoMdumisa!
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
Mnikeni udumo, nonke ninabantu,
Ngokuba iGazi laKhe ligeze onk'amabala.

232 Manje, NiyaMthanda na? Manje masithi, kanyekanye, siMnike udumo, nonke ninabantu. Manje, bukani, uma lokho kwembuliwe kini nguNkulunkulu, emgudwini enisindiswe kuwo, umgudu ofanayo onitshele ukuthi "nisindisiwe," umgudu ofanayo uNkulunkulu ahamba ngawo, njengoba Enza ngoJobe nabaprofethi, Uhambe wangena kini ngalowomgudu njengomKristu, ngeSambulo saKhe sobuNkulunkulu ukuthi "niphilisiwe," manje-ke akukho lutho oluzokuvimba ukuba kungenzeki.

Ngakho siMnika udumo, nonke ninabantu,
Ngokuba iGazi laKhe ligeze onke . . . (konke
ukungabaza, wageza konke ukungabaza).

NgoMdumisa! NgoMdumisa!
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa isoni;
Mnikeni udumo, nonke ninabantu,
Ngokuba iGazi laKhe ligeza onke amabala.

233 O, aniMthandi na? A, kumangalisa kanjani. "NgiKuzwile, Nkosi, ngendlebe yami, nokukholwa kuvela ngokuzwa; kepha manje ngiyaKubona, uNkulunkulu Ezazisa phakathi kwabantu baKhe njengoba Enza kuAbrahama, ngesithembiso saKhe lapha ukuthi iNdodana yomuntu Iyozembula yona uqobo ngezinsuku izwe eliba ngalo esimweni saseSodoma."

234 Futhi kwakukhona izithunywa ezintathu ezaphumayo, zehla zivela eZulwini.

235 Futhi kwakukhona iqembu lehlelo ezansi eSodoma, noBilly Graham no-Oral Roberts behlela lapho. Futhi khumbulani njengoba nginitshelile, akukho-ndawo emlandwini webandla okuke kwabakhona isithunywa esithunyelwe emhlabeni jikelele ebandleni, kuze kube manje, igama lakhe eligcina njengoAbrahama, h-a-m. U G-r-a-h-a-m, izinhlamvu zamagama eziyisithupha, ezweni, inombolo yomuntu.

236 Kodwa uAbrahama wayenezinhlamvu eziyisikhombisa egameni, inombolo kaNkulunkulu esiphelelisiwe nephelele. Niyabo?

237 Futhi qaphelani ukuthi izithunywa zenzani ezaphumela lapho: zashumayela iZwi, zababizela ngaphandle, zabatshela ukuba baphenduke.

238 Kodwa Leso esasala noAbrahama, niyabo, senza isimangaliso ngokutshela uAbrahama ukuthi uSara wayenzani futhi ecabangani ethendeni emva kwaSo. NoJesu, okwakunguYe owayekulomuntu, wathi, "Uma izwe selingena esimweni seSodoma, njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi, iNdodana

yomuntu iyokwembulwa futhi." Nayo yonke eminye imiBhalo iqinisa ukuthi lokho kunjalo I. . . "Ekuqaleni wayekhona u" [Ibandla lithi "Lizwi!—Umhl.]. "ULizwi wayeku" [Ibandla lithi "Nkulunkulu!"—Umhl.]. "ULizwi wayengu" [Ibandla lithi "Nkulunkulu—Umhl.]. "ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu." Kunjalo na? Manje siyalibona leloZwi elifanayo elithenjisiweyo, likaLuka, likaMalaki, zonke lezi ezinye izithembiso kusukela namuhla, ziba yinyama, zakha phakathi kwethu, esizizwile ngezindlebe zethu; manje siyaMbona (ngamehlo ethu) ehumusha iZwi laKhe uQobo, asidingi kuhumusha komuntu. O bandla likaNkulunkulu oPhilayo! lapha nakotelefoni! vukani masinya, ngaphambi kokuba kwedlule isikhathi! UNkulunkulu anibusise.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

239 Beningacabanga nje, bandla, ukuthi nibuka ngamehlo enu uqobo. . . iZwi eliPhilayo likaNkulunkulu libonakaliswa, isithembiso sehora, ngezinsuku zokugcina, nibuka ngamehlo enu uqobo iZwi eliphilayo lihunyushwa esimweni semvelo, uNkulunkulu phakathi kwethu! "NgiyaMbona ngamehlo ami uqobo, O. . . Ngezwa ukuthi Uyokwenza." Zonke izazi ezindala zazibheke lolusuku, manje siyaLibona libonakaliswa ngeso lethu uqobo. Ukuthi mangaki amaMethodisti amadala amemezayo, amaBaptisti, nawangempela, amapentecostal angokoqobo onyakeni wawo, ayelangazelele ukubona lokhu kwenzeka! Amaningi awo azi ukuthi kwakuzokwenzeka. Kodwa simi kulobubusuku sikubona kwenzeka! O! AniMthandi na?

240 Manje, uJesu wathi, "Lokhu bonke abantu bayokwazi ukuthi ningabafundi baMi, uma nithandana." Ngakho njengoba siMthanda, asixhawulane futhi sicule elithi *NgoMdumisa! NgoMdumisa!* Kulungile:

NgoMdumisa! NgoMdumisa!
O dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
Mnikeni udumo, nonke. . . (Ukanjani na?). . . bantu
Ngokuba iGazi lakhe ligeze onke amabala.

241 Yathini indlovukazi kaBelteshezari phambi kwenkosi yayoe ngalobobusuku na? "Kukhona umuntu embusweni wakho ongumthukululi wemibuzo enqala." NoMoya oNgcwele, kulobubusuku, ungumthukululi wemibuzo enqala! Niyakukholwa lokho na? [UMfowethu Branham ukhuluma nomunye—Umhl.] Umthukululi wemibuzo enqala! Manje, iGazi likaKristu lisusa onke amabala, ibala lokungabaza. Asikho isono esikhulu ezweni ukwedlula ukungakholwa, "Ngokuba ongakholwa, uselahliwe vele!" Kunjalo na? "Ongakholwa

uselahliwe." Sinye kuphela isono, futhi lokho ukungakholwa. Ukubhema akusiso isono, ukuqalekisa akusiso isono, ukuphinga akusiso isono, ukuqamba amanga akusiso isono; leso akusiso isono, lokho yimiphumela yokungakholwa. Ukungakholwa! Ukwenza ngoba ungakholwa. Uma uLikholwa, awukwenzi.

242 O! O! Ini. . .Kuyamangalisa! NeGazi leWundlu ligeze konke ukungabazi. Siyalikholwa iZwi laKhe, ngokugcizelela. Siyakholwa ukuthi iZwi lenziwa inyama. Futhi sikholwa ukuthi iZwi LI ba yinyama ngokuqinisekiswa koBukhona baKhe manje ukuqinisa iZwi laKhe. NiyaLikholwa na? UNkulunkulu anibusise.

243 Sethemba ukunibona lapha ekuseni, kube yisikhathi esikhulu eNkosini. Khothamisani amakhanda enu manje, senginikela inkonzo kuMfowethu Lindsay.

